

Ugwalo lukaJohane Bunyane

# IMPI ENGCWELE

UThelma H. Jenkins



## Okumunyethweyo

Isandulelo .....	4
Isingeniso .....	5
Isigaba sokuqala - Ukuwa lohlengo.....	8
1. Umphefumulo Womuntu ulalela umkhohlisi .....	8
2. UDiyabhola, inkosana engumcindezeli .....	14
3. Izikhali zikaDiyabhola.....	21
4. UNkulunkulu Somandla uthumela inkululeko .....	30
5. Ukulwa ngaphandle lezesabiso ngaphakathi .....	42
6. UEmanuweli uyeza egade ibhiza ukuzanqoba .....	51
7. UDiyabhola uyayangiswa njalo uyaxotshwa.....	61
8. Uthethelelo Iwesikhosini .....	71
9. Ukungena kukaEmanuweli ngokunqoba .....	81
10. Ukuthonisiswa kwabakaDiyabhola .....	88
11. Intokozo yobukhona bukaEmanuweli .....	95
Isigaba Sesibili - Ukuhlehlela emuva lokubuyiselwa.....	103
12. Ungaphi, E ungaphi uEmanuweli? .....	103
13. Ugobe Iwesitha.....	112
14. Izinsizi zokuhlehlela emuva .....	117
15. UDiyabhola ubuya azuze intuba yokungena .....	124
16. Ukubuyela kweNkosana elangazelelwayo .....	134
17. UDiyabhola uyaxotshwa ekucineni .....	143
18. UEmanuweli ukhulumma kuMphefumulo Womuntu wakhe ..	151



## ***Isandulelo***

Ngemva kweBhayibhili, "UHAMBO LOMHAMBI" lulotshwe nguJOHANE BUNYANE lokhe lungolunye lwezingwalo ezithengwa kakhulu emhlabeni. "IMPI ENGCWELE", omunye umfanekiso itshengisa ukuqhubeka kwengxabano phakathi komuntu loSathane. Isigodlo soMphefumulo Womuntu sihlezi sihlaselwa nguDiyabholo esebebenzisa ubuqili, lamacebo asitheleyo lodlakela. Impi inde njalo imbi, kodwa ngokungenela kweNkosana uEmanuweli ukunqoba kwafunyanwa, lanxa kulobuthakathaka lokwehluleka kwemvelo.

UThelma H. Jenkins useveze isilandiso sogwalo lokuqala ngesimo senkulumo yalezinsuku. Lweneka iqiniso lwemibhalo njalo ngesikhathi esifananayo lulandisa inganekwane ehlasmulisa umzimba.

## ***Isingeniso***

### **Isigodlo soMphefumulo Womuntu**

Lesisigodlo ngeqiniso nguMphefumulo Womuntu, okwathi ekuqaleni uNkulunkulu wasenza sabangcwele singelacala. Umfanekiso kaBunyane uyatshengisa ngamazwi emifanekiso ukuthi umuntu walahlekelwa njani yisikhundla sakhe sakuqala sokungabilacala ngokulalela izilingo zikaSathane, ukuthi wangena njani ngaphansi kokubuswa nguSathane losizi olvalandelayo, lokuthi iNkosi uJesu Kristu weza njani ukuze ahlenge umuntu ebugqilini bukaSathane, elahla ububi obuphakathi kwakhe esenza inhlizyo iphinde ibe yindawo yokuhlala kaNkulunkulu. Indaba le itshengisa izilandelamuva ezimbi losizi lokufulathela iNKOSI lobubele bukaNkulunkulu ekubuyiseleni ohlehlela emuva odabukileyo.

## **Uluhlu Iwezikhulumi**

Kungenzakala ukuthi abanye abatsha ekholweni lwestiKristu bangaqaphelisi konke okuyimfihlakalo kule indaba. Ngenxa yalesisizatho uluhlu Iwezikhulumi luphiwe ngaphansi ukuze kuncede kalula ababalayo loludaba.

INkosi enkulu, uNkulunkulu Somandla

UNkulunkulu uYise.

INkosana yegolide, uEmanuweli

UNkulunkulu iNdodana.

UNkosi Mabhalane

UNkulunkulu uMoya  
oyiNgcwele.

Abalawulimabutho uBowenegesi,  
uKwahlulela, uKulahlwa, loJezisa

Umthetho kaNkulunkulu.

Abalawulimabutho uKholo, uThembelihle,  
uThando, uKuhlanzeka, loBekezel

Ivangeli likaNkulunkulu  
lezibusiso lomusa  
okulandela uEmanuweli.

Abantu boMphefumulo Womuntu

Imicabango, umumo  
wenhliziyo lemizwa  
phakathi komphefumulo  
womuntu.

UDiyabhola, inkosana ehluthunayo  
engumcindezeli

USathane.

ULusifa, uBelezebule, uLegiyoni, uApoliyoni Amabizo ehlukeneyo  
kuMibhalo achaza  
ngoSathane.

AbakaDiyabhola

Ububi, imicabango  
eyonakeleyo, umumo  
wenhliziyο lemizwa  
phakathi koMphefumulo  
Womuntu ngemuva  
koKuwa.

## **Isigaba sokuqala - Ukuwa lohlengo**

### ***1. Umphefumulo Womuntu ulalela umkhohlisi***

Kwake kwaba lomuzi omuhle obukekayo obizwa ngokuthi nguMphefumulo Womuntu. Lumuzi wawakhiwe yinkosi enkulu uNkulunkulu Somandla owentokozo lothando lwakhe, lakuzo zonke izinto ezazenziwe yile inkosi ehlakaniphileyo elungileyo, uMphefumulo Womuntu kakuthandabuzeki wawuyinto ebukeka ngcono kulakho konke.

Phakathi kwalo umuzi odumileyo kwakulesigodlo sobukhosи esiqine okwenqaba, kanti umuhle kangangokuthi ungaba yindawo yokuhlala yenkosи enkulu kangaka. Wawakhelwe yonale kanye injongo, ukuthi uNkulunkulu Somandla ngokwakhe angahlala lapha abuse, yedwa, ngenhlakaniphо lothando. Umthangala womuzi wawuqinile okwedlulisayo, wakhiwe ngendlela yokuthi kakulasitha esivela ngaphandle esingafohlela kuwo njalo kungelangozi engafinyelela kulo umuzi, ngaphandle kokuba kuvume abantu balo umuzi abaphakathi. Kwamiswa amasango amahlanu kulo umthangala awokungena lokuphuma kulo umuzi, lala futhi ayengasoze avuleke ngodlakela ngongaphandle, kodwa ngokuvuma kwabangaphakathi. Amabizo amasango ayengo-Sango Ndlebe, Sango Lihlo, Sango Mlomo, Sango Makhala, loSango Mizwa.

Ekuqaleni uMphefumulo Womuntu wakhiwe nguNkulunkulu Somandla, wawukusimo esipheleleyo. Kwakulamalungiselelo ezinto zonke ezifunekayo phakathi kwemiduli yawo, njalo kwakulomthetho omuhle kakhulu owake wenziwa. Kwakungelamuntu okhohlisayo ngaphakathi kwamasango; bonke abantu bakhona babengamadoda eqiniso, babethembeka omunye komunye, okwakungasisibusiso esincinyane. Phezu kwakho konke lokhu, uMphefumulo Womuntu wawuthokoza phakathi kokuvikelwa, umusa lentokozo lobukhona beNkosi (nxa wawuzahlala uthembekile kuyo).

Khathesi kufanele ngikutshele ukuthi kwaba lesitha esikhulu esavukela uMphefumulo Womuntu, isiqhwaga esilamandla, esazimisela

ukuhluthuna umbuso weNkosi enkuIu sizithathele lumuzi omuhle ube yindawo yaso yokuhlala. Sasingubani lesisitha? Imibhalo isibiza ngokuthi nguSathane kumbe uDiyabhola. Kwesinye isikhathi wake waba yinceku elesikhundla kuNkosi uNkulunkulu Somandla, ekholisa inhloniphlo lodumo lwesikhundla sakhe. Okudanisayo, loba kunjalo, inhliziyo yakhe yaphakama ngokuzigqaja ngaphakathi, okwamenza ukuthi ahawukele isikhundla sokuba ngolandelayo kuNkulunkulu Somandla ngokwakhe, isithunzi lenhloniphlo okwakuvele kungokwendodana yeNkosi ethandekayo uEmanuweli. Kanti-ke uDiyabhola waceba icebo ensitha labanye abangane bakhe abafisayo njalo bavumelana ndawonye ukuthi bavukele iNkosi yabo bahluthune isikhundla abasihawukelayo. Babeyizithutha kangakanani, ngoba iNkosi leNdodana yayo belolwazi lonke, babengeyekele ukwazi ngokuvukela kwabo. UDiyabhola labangane bakhe bagwetshwa ngenxa yalolugobe olwesabekayo njalo hatshi ukuthi balahlwa kuphela kuzikhundla zabo ezindala zenhloniphlo, kodwa baxotshwa phakade ezinkundleni zeNkosi, bengeke balinlele omunye umusa futhi.

Sezinanjelele ukuthi sezilahlekelwe kokuphela yinhloniphlo lothando IweNkosi yazo, zenzani lezizidalwa ezelusizi, ngaphandle kokwengeza ekuzigqajeni kwazo kwamandulo intukuthelo eyesabekayo lobubi obumelene loSomandla lendodana yakhe. Kwathi zizulazula kundawo ngendawo, zitshisekela ukufica okunye okweNkosi ezingaphindisela kukho, zafika ekucineni, emzini woMphefumulo Womuntu. Zisazi ukuthi uNkulunkulu Somandla wazakhela wazicecisela lindawo, zagcwala ngentokozo eyesabekayo zilomkhumbulo wokuhlasela phezu kwawo, mhlawumbe owokuthi zithathe, okuyintokozo kanye kweNkosi kube yimfuyo yazo.

"Khathesi", zatsho, "sesifumene ukuthi singaphindisela njani eNkosini. Kaselulekane ndawonye, sibone ukuthi singaphumelelisa kuhle njani ukuthunjwa kwalumuzi." Khonokho-nje baba lenhlangano yempi basebezimisela ukuthi baphendule le imibuzo emine. Sizazibonakalisa sonke kuMphefumulo Womuntu yini, loba sithumele ummeli? Bazasibona sikusimo sethu sakhatthesi sokudatshukelwa leseziceli yini? Sizawutshela uMphefumulo Womuntu sobala yini esingakho, loba sifike ngobuqili lenkohliso? Sizazama yini ukudubula umuntu oqakathekileyo womuzi, kusitsho ukuthi, lowo ongasidalela

ubunzima obukhulu kulabo bonke?

"Ekuphenduleni umbuzo wakuqala", watsho uDiyabhola, "ngithi hatshi, singeke siziveze sonke, hlezi sethuse abantu balumuzi – ngoba banethuka singeke siwunkobe umuzi, njengoba engekho ongangena ngaphandle kwemvumo yabo. Kakuthi abalutshwana, loba oyedwa athunywe ukuyahlasela uMphefumulo Womuntu, njalo kakube yimi lowo."

Inhlangano yonke yavumelana kulokhu beza kumbuzo wabo olandelayo. Ngemva kokuxoxa, uBelezebule wacebisa ukuthi uDiyabhola ngeqiniso ahambe ezifihlile - kodwa aziphendule njani? "Kungani ungayi unjengenyamazana?" kucebisa uLusifa. "Ubungathatha isimo senye yalezozinyamazana abazibusayo. Kukalutshwana ukuthi bacabangele ukuthi kungaba ngofuna ukubahlasela."

Lo umcabango wemukelwa ngentokozo. Kwathi ekucineni bavumelana ukuthi uDiyabhola angathatha isimo somgobho, esasejwayelekile kakhulu kulezonsuku.

Ngemva kokunye ukuxoxa okude bavumelana ukuthi bangakhulumi obala injongo yabo, ngoba njengoba sesitshilo, abantu abahlezi eMphefumulweni Womuntu babengabantu abaqinileyo besemzini oyinqaba, ongeke wanqotshwa ngaphandle kwemvumo yabo.

"Ngaphandle kwalokho," wengeza uLegiyoni, "uba bengananzelela esingakho, masinyane bangakhalela usizo enkosini yabo, masinyane kube yikuphela kwethu. Kakuthi sibafikele ngamazwi ayengayo, amanga lezithembiso, sizenzisa izinto ezingeke zenzakale, sibathembisa izinto abangasoze bazizuze. Yiyo indlela esingabanqoba ngayo, sisenzela ukuthi bavule amasango ngokuthanda kwabo, ngoba bengabantu abangelacala, abangajwayelanga amanga, lenkohliso lokuzenzisa. Ngakho-ke, bazakholwa konke esikutshoyo, bekucabangela konke ukuthi kuliqiniso, ikakhulu uba sizenza abalothando olukhulu kibo lokubanakekela kakhulu sisenzela udumo lwabo lenzuzzo.

Kwakhanya ukuthi lesiseluleko sobuqili singeke senziwe ngcono, okwasalayo kuphela yikuthi kwensiwe isinqumo kumbe kudutshulwe omunye wamadoda aqakathekileyo alo umuzi, nxa kunjalo wuphi? Bonke bavumelana ukuthi lokhu kungaba yindlela ehlakaniphileyo ukuyilandela. Kwasekuqunywa, nxa kuphela kungenzeka, bachithe uMlawulimabutho Melana, ngoba engumuntu omkhulu

eMphefumulweni Womuntu, onguye owayesesatshwa nguDiyabholalexuku lakhe okwedlula abanye. Ngakho-ke inhlangano yempi isiphethile, lelixuku elikhohlakeleyo lahamba okwebutho ukuyahlasela uMphefumulo Womuntu, bonke bengabonakali ngaphandle kukaDiyabholao wayezifananise lomgobho.

Besondela duze lomuzi bonke bahlala phansi eduze kweSango Ndlebe. UDiyabholae esakhala uphondo lwakhe ukuze umphakathi umlalele. Zikuzwa lokhu induna zalo umuzi woMphefumulo Womuntu zeza emdulini ukubona okwenzakalayo. KwakuloNkosi Kalacala, uNkosi Ntandokayiphikiswa, uNkosi Qedisisa (uNkosi Gcinumuzi), uMnu. Sazela (uNobhala) loMlawulimabutho Melana. UNkosi Ntandokayiphikiswa wayeyisikhulumi sabo njalo wathanda ukwazi ukuthi kungani umuzi udungwe ngalindlela engejwayelekanga. Emnene njengewundlu, uDiyabholawaphendula, wenza inkulumo ecolekileyo kakhulu.

"Madoda omuzi odumileyo woMphefumulo Womuntu! Njengoba libona, yimi omiswe yinkosi yenu ukulenzela inhlionipholokulisebenzela njalo yiso isizatho sami kanye sokufika kini. Ngize ukudinga okusiza lina, hatshi mina, njalo ngilitshele ukuthi lingakhululwa njani ebugqilini eliphakathi kwabo, lanxa khathesi lingakunenzelei."

Kulokhu, abantu boMphefumulo Womuntu bavusa indlebe zabo.

"Ubugqili?" bakhuluma. "Ukhuluma ngabuphi ubugqili?"

Ngalokho, esethole ukulalelisisa kwabo lengwabungwabu yokufuna ulwazi ekuqaleni, waqhubeke uDiyabholo.

"Ngilakho engifuna ukukutsho kini ngenkosi yenu lemithetho yayo lokuthi ilithinta njani. Ngiyazi, ngeqiniso, ukuthi inkosi yenu inkulu njalo ilamandla; kube kanti konke elitshele khona kakulaqiniso ngitsho. Ithe, nxa lingenza into encane okunjengokudla isithelo esingavunyelwayo, lizakufa. Lokhu kakusilo iqiniso; kalisoze life ngitsho! Okwedlula lokhu futhi, lona lololutho alenqabelayo ukuthi lilwenze kungaba yinto elenzozo kakhulu kini. Lesisihlahla alenqabela sona ukuthi lisithinte sibizwa ngokuthi "yisihlahla solwazi lokuhle lokubi," njalo lingke lakucabanga ukuthi isithelo saso simnandi njani, loba siloyiseka kangakanani, lilokhe lilalele umlayo wenkosi yenu. Ligcinwe ebuphofini lekungazini, kanti liyazigqaja ukuthi lingabantu

abakhululekileyo. Kalikhululekanga, licindezelwe, liyaqilwa njalo ngalesosizatho kuphela sokuthi inkosi yenu ikufuna kube njalo. Kungani, kubuhluntu kangakanani, ukuthi livalelwe ulutho sibili ebelingazuza kulo, kulipha kokubili inhlakanipho lenhloniph, ukuze amehlo enu avuleke libe njengabonkulunkulu!"

Ngalesisikhathi, esakhuluma uDiyabhola, omunye wexuku elingabonakiliyo wahlasela uMlawulimabutho Melana wamlimaza isilonda sokufa ekhanda okokuthi, okwamangalisa abantu bomuzi lokuthokoza ngasese kukaDiyabhola, wawela ngale komthangala, efile. Khathesi-ke, yena, eyiyoyodwa indoda yempi kuMphefumulo Womuntu, abantu kabasabanga lesibindi sokukumela, okwaba njengokufuna kukaDiyabhola. Kwasekusukuma lowo owayebuye laye njengesikhulumeli sakhe, wasezibonakalisa kubantu bomuzi, waqalisa ukukhuluma labo ngalindlela:

"Madoda, kwenza inkosi yami lami sithabe ukubona lonke lisilalela ngokuthula njalo lilalelisa, ngoba sithemba phakathi kwethu ukulipha isixwayiso esihle. Kumele linanzelele ukuthi inkosi yami ilothando olukhulu kini ukuthi izimisele ukulikhulumela ukuze lilungelwe, lanxa izifaka phakathi kwengozi eyesabekayo yolaka lukaNkulunkulu Somandla omkhulu ngokwenza njalo. Kakukho, ngileqiniso, lokuncinyane okudingekayo ukuthi ngikwengeze emazwini akhe. Kungani, lona sibili ibizo lesihlahla, "ulwazi lokuhle lokubi," isibili lizalivumisa. Ngakho-ke ngizakwengeza lelilizwi, ngemvumo yomusa wakhe" (lokhu ngokubobotheka okucicimayo langokumkhothamela kwezisebenzi okukhulu uDiyabhola). "Nanzelela amazwi akhe; khangela esihlahleni ukhangele lesithelo saso esithembisayo. Khumbula futhi, ukuthi kuze kube khathesi wazi okulutshwana, lokudla okwesithelo salesisihlahla kuzakupha ulwazi olwengezelelwe kakhulu."

Khathesi kwathi abantu balo umuzi bebona ukuthi isithelo sesihlahla silungele ukudliwa, sibukeka kakhulu emehlwani njalo, phezu kwakho konke, siyisihlahla esasingabenza bahlakaniphe okwedlula ababeyikho khathesi, balandela lesiseluleko esibi basikha isithelo basidla. Ngikhohliwe ukulitshela lokhu, lapha sisakhuluma isikhulumi esiliqili, uNkosi Kalacala watatalika wawela phansi lapho ayemi khona, kwakungelamizamo eyayingamvusa futhi ukuthi aphile. Ngalokho bobabili uMlawulimabutho Melana leNkosi Kalacala bafa, lamadoda

amabili alezibindi, ayelungile kakhulu njalo eyizikhulu kuwo wonke umuzi woMphefumulo Womuntu njalo, bengekho abanye abayizikhulu njengabo, bonke abaseleyo bomuzi balalela uDiyabhola baba yizigqili zakhe, njengoba uzakuzwa. Ngoba ekudleni isithelo esinqatshelweyo, bakhohlwa konke ngenkosi yabo elungileyo uNkulunkulu Somandla lomthetho wakhe lezixwayiso zakhe ezinzulu ayebanike zona. Masinyane bavula womabili, uSango Ndlebe loSango Lihlo, basebegcwala oDiyabhola labalandeli bakhe abasebebonakala khathesi.

## *2. uDiyabhola, inkosana engumcindexeli*

Sebengene lula kangaka emasangweni, uDiyabhola waqhubeka efola esiya kunqaba yomuzi elubhekise kuNqaba Nhliziyo. Efica bonke abantu ngothando begudlukele kuye, wathi kuhle ahlasele kusatshisa, wema kancane ephakathi kohambo lwakhe lokunqoba, waba lenkulomo futhi.

"Maye, Mphefumulo Womuntu othandekayo," wakhulumo, "lanxa sengikwenzele lumsebenzi ekukuphakamiseni ukuthi uhlonitshwe lokwengeza kakhulu inkululeko yakho, ngiyabona ukuthi uyaswela sibili ozakuvikela njalo akulwele. Ngienesaba nxa uNkulunkulu Somandla ekuzwa lokhu, uzakuza masinyane, ngoba uzadabuka ukuthi usuwenelisile ekucineni ukulahla izibopho lemithetho yakhe. Uzakwenzani? Uzavuma ukuthi abuye akugqilaze yini futhi?"

Kwasekusithi lezizithutha, abantu abaloyiwego bamemeza bonke besithi, "Sifuna usibuse wena." Lokhu, ngeqiniso, yikho umkhohlisi uDiyabhola ayethemba ukuthi bazakutsho. Ngokuphangisa, wavuma ukuba yisiphathamandla sabo, njalo wasethumba iNqaba Nhliziyo, wayiqinisa ngazo zonke izinto eziphambene loNkulunkulu uSomandla, loba ngubani owayengazama ukuthumba lumuzi ukuze umlalele. Ngakho linqaba ebukekayo, eyayakhiwe eMphefumulweni Womuntu nguNkulunkulu uSomandla ngokwentokozo lothando lwakhe, khathesi isibe ngumphando oqinileyo wesiqhwaga esibi uDiyabhola. Esenze okungaka, uDiyabhola wayelokhu engasuthiseki ukuthi konke kuvikelwe, ngakho waqalisu ukumisa kutsha lumuzi, ephakamisa abanye njalo esehlisa abanye. Waqalisu ngoNkosi Gcinumuzi owayebizwa futhi ngokuthi nguNkosi Qedisisa, loMnu. Sazela unobhala.

Lanxa nje uNkosi Qedisisa wayephakathi kwabanye abavumileyo ukuthi angene phakathi komuzi, uDiyabhola wanakana ukuthi kungcono amsuse kusikhundla sakhe. (UDiyabhola wayetshengisa ukumesaba, esazi ukuthi wayelokuqedisisa okuhle kwezinto ezinengi). Ngakho-ke kamsusanga kuphela kulesi isikhundla esiphezelu kodwa ngobuqili wakha umphotshongo omude owawuzakuma phakathi kokukhanya kwelanga lamafasitela esigodlo sikaNkosi Qedisisa, ukuze aqhubeke

ehlala emnyameni, njalo ngokungaboni ukukhanya, waba njengomuntu ozelwe eyisiphofu. Hatshi lokho kodwa, kodwa wagcinwa eyisibotshwa phakathi kwesigodlo sakhe leguma lakhe. Lanxa wayengaba lesifiso sokunceda uMphefumulo Womuntu, wayengenzani ngalokhu? Lokhu kwakuyisimo esibi sikaNkosi Qedisisa isikhathi sonke lapho uDiyabhola ebusa phezu kwalo umuzi.

NgoMnu. Sazela, umuzi ungakathunjwa nguDiyabhola, wayengumuntu ololwazi ngemithetho yenkosи yakhe, umuntu owavezimisele elesibindi sokukhuluma iqiniso kuso sonke isikhathi. Ngakho khathesi uDiyabhola wayengeke amele uMnu. Sazela, ngobuqili bakhe bonke langamacebo akhe, wayengasoze amfake ngaphansi kwakhe. Lanxa nje uMnu. Sazela wayesehlubuke kangaka enkosini yakhe eqotho, esethokoza ngemithetho losizo lomcinddezeli, kanti kwesinye isikhathi, wayekhumbula ngeminye yemithetho yenkosи yakhe, aphumisele ngelizwi elesabekayo elilamandla okungangokuthi wayengenzi kuphela wonke umuzi woMphefumulo Womuntu unyikinyeke uthuthumele, kodwa wenza loDiyabhola ezwe emesa.

Njengoba uDiyabhola wayengeke akhuze uMnu. Sazela ngokupheleleyo, wamdonsela, kancane kancane, ezindleleni ezinengi zokukhohlakala, waze wenelisa ukwenza lukhuni lokuthuthaza ingqondo yomuntu omdala; okungangokuba wayephose engaselasazela ngesono ngitsho. Engaselakho ukuqhubekela phambili langayiphi indlela, uDiyabhola wakhumbula elinye iqhinga, elalizabonisa amadoda alo umuzi ukuthi uMnu. Sazela wayesephambene, ngakho-ke kwakungasamelanga alalelwе.

"Ngoba," watsho uDiyabhola, "nxa engahlanyi, kungani kwesinye isikhathi eklabalala athethe ngezinto ezenziweyo, kwesinye isikhathi angakhulumi lutho ngitsho? Yikwenza komuntu ohlanyayo."

Ngakho, ngandlela thize, masinyane uDiyabhola wenza ukuthi uMphefumulo Womuntu ungananzi ngokupheleleyo lokweyisa konke okwakukhulunywa nguMnu. Sazela. Wayelayo indlela yokwenza umuntu omdala athokoze kwesinye isikhathi, okwakumenza aphike sibili ezinye izinto ayezitshilo ngeqiniso kusikhatsana esedluleyo, loba nje avumelane lalokhu abekusola mandulo. Wayengasakhulumi khathesi ngokuvuma ngoSomandla, kodwa wayehlala ebonakala ethuza obukabhuka, loba efile, okokuthi wayengaselasizo eMphefumulweni

Womuntu ngitsho.

Engasweli mizamo, uDiyabhola kwesinye isikhathi wayengathi, "E Mphefumulo Womuntu, lanxa wayethetha uMnu. Sazela azibule ngamazwi esabekayo, uyananzelela ukuthi kawusezwa lutho lweNkosi uSomandla ngokwakhe." (Lokhu, ngizakwenza wazi, ukuba ngamanga aluhlaza, ngoba ngokukhala konke kukaMnu. Sazela ngesono soMphefumulo Womuntu kwakulilizwi sibili lenkosi eqotho ikhulumka kibo). "Uyabona," umcindezeli wayelokwengeza, "ukuthi inkosi yenu kayiliqakatheki kangako, ngoba kayenzanga izaba lokulikhulula, kumbe ukuthi ilibize lizelandisa ngelikwenzileyo. Uyazi," watsho, ngokubobotheka kwecebo, "ukuthi loba lake laba ngabakhe, khathesi lingabami, uselinikele kithi kokuphela."

"Phezu kwalokho, E Mphefumulo Womuntu," wayengaqhube, "nanzelelana kakhulu kangaka engilenzele khona. Angithandabuzi ukuthi imithetho yami emitsha lemikhuba ilipha intokozo eyengeziweyo lokwenela okwedlula ebelikwazi. Sengiliphe inkululeko enku lokuzibusi, kanti ngalifica livalelwane, angibekanga imithetho lemithetshwana phezu kwenu. Lina ngamunye lihlezi njengamakhosana, libusa impilo zenu, kakho engimbiza ukuthi alandise - ngaphandle komuntu ohlanyayo" (esitsho uMnu. uSazela).

Ngalindlela uDiyabhola wayengathulisa umuzi loba nini nxa uMnu. Sazela wayengakhuluma (njengoba wayejwayele ukukwenza), loba wayengavusa abantu bomuzi babe lolaka bevukela umuntu omdala (bazonda kangaka ukubonakala kwakhe nje kumbe ukukhumbula ngaye) baze bamfisele ukuthi ngabe sewafa, loba abe lamakhilomitha azinkulungwane khatshana labo. Lanxa babelenzondo engaka, ngenye indlela, akuthandabuzeki ngenhlakanipho kaNkulunkulu Somandla, uMnu. Sazela wayelokhu elondoloziwe phakathi komuzi woMphefumulo Womuntu. Indlu yakhe, nhlanhla enhle, yayiqine okwenqaba njalo loba abantu bomuzi besiza belixuku befuna ukumchitha, wayengavula imisele yamanzi, ayekele impophoma ezazingabaminza nxa bengabalekanga masinyane.

Sitshiye uMnu. Sazela, kodwa-ke, sibone enye indoda yalo umuzi ukuthi iqhuba njani, ibizo layo nguNkosi uNtandokayiphikiswa. Lindoda-ke yayingeyesikhosini ihlezi ngokukhululeka okwedlula abanye. Wayengumuntu olamandla amakhulu, lesibindi njalo eloncedo

kuzinqumo, kodwa, kungaba yikuzigqaja ngesikhundla sakhe loba amathuba (kodwa ngeqiniso ngokuzibula okuthile), wala ukuba yisigqili eMphefumulweni Womuntu, kodwa wazimisela ukuthi uzanceda uDiyabhola ngokuzuza isikhundla sokubusa ngaphansi kwakhe. Lokhu wakwenza kalula, ngoba engomunye owokuqala owemukela iseluleko sikaDiyabhola nxa wafika wabamba uSango Ndlebe njalo wavuma ukuvula isango. Lokhu kwenza uDiyabhola wanamathela kuye kusukela ekuqaleni, njalo ebona amandla lesibindi salo umuntu, wathokoza sibili kuperha ukuthi amenze abe ngomunye weziphathamandla zakhe. Ngakho-ke isiqhwaga saba lenkulomo yokuzwanana sibili laye, kodwa uNtandokayiphikisa waswela ukuncengwa kancane, njengoba wayevuma ukusebenzela umcindezeli, nxa wayezazuza isikhundla esikhulu.

Ngakho-ke wakhethwa waba nguMlawulimabutho weNqaba, uSibalukhulu woMthangala loMlindi wamaSango emzini woMphefumulo Womuntu. Ilizwi lengezwa ekuthunyweni kwakhe ukuthi kungabi lalutho kusukela khathesi oluzakwenziwa ngaphandle kwentando lokuvuma kwakhe emzini woMphefumulo Womuntu. Ngale indlela uNkosi Ntandokayiphikisa waba seduze loDiyabhola ngesikhundla. Unobhala wakhe kwakunguMnu. Ngqondo, owalandela inkosi yakhe sibili owayesenzo njalo ekhuluma xathu njengoba wayebonakalisa.

Khathesi amandla wonke ayesesezandleni zakhe, uNkosi Ntandokayiphikisa masinyane wazitshengisela ukuthi wayengumuntu onjani. Okwakuqala walandula ukuthi uyalalela umbusi lenkosi yakhe yamandulo uNkulunkulu Somandla. Sekwenzakele lokhu, wenza isifungo, efunga ukuthembeka kunkosi yakhe enkulu uDiyabhola njalo waseqalisa umsebenzi phakathi komuzi ngokwawo. Wakhuluma kubi ngoMnu. Sazela ngaso sonke isikhathi. Wayengekumele ukumbona lokumuzwa nje, evala amehlo akhe njalo egcika indlebe zakhe loba nini ehlangana laye kumbe emuzwa ekhuluma. Njalo wayengekumele ukuthi ngitsho lesiqephu somthetho kaNkulunkulu Somandla sibonakale loba ngaphi phakathi komuzi. UMnu. Ngqondo unobhala wakhe, wayelakho okulutshwana kweziqephu ezidabukileyo zamaphepha emithetho elungileyo kaNkosi Somandla, kodwa uNkosi Ntandokayiphikisa wayengekukhangele kangako kodwa wayekuphosela ngemuva kwakhe.

(Kulinqiniso ukuthi uMnu. uSazela laye wayelokulutshwana kwalimithetho endlini yakhe yokufundela, kodwa uNkosi Ntandokayiphikiswa wayengeke abeke izandla zakhe phezu kwalokhu). Wayekhonona lanxa uNkosi Qedisisa esiba lokungalingana lekhandlela emafasiteleni akhe. Kakulanto khathesi eyathokozisa uNtandokayiphikiswa kodwa lokho okwathokozisa inkosi yakhe uDiyabhola njalo wakhalisa uphondo ezithaladini isibindi semvelo, inhlakanipho yokuziphatha njalo lendumiso yenkosana yakhe entsha. Wayelakho ukuzihlanganisa ezitaladini labantu abaphansi kakhulu, esenza labo yonke imihlobo yobubi lezenzo ezikhohlakeleyo. Sathi nje isiqhwaga esinguDiyabhola sesiqinise isikhundla saso saqalisa ukona ukukhangeleka kwendawo ezithile zomuzi. Emakethe yoMphefumulweni Womuntu, laphezu kwesango lenqaba kwakulomfanekiso obukekayo kaNkulunkulu Somandla, ubazwe ngokugujwa ngegolide elicengekileyo. Lo umfanekiso wawutshengisa xathu isimo senkosi enkulu ukuthi yayingekho enye efanana layo emhlabeni wonke. Kawuzange woniwe kuphela (ngokuqondisa komcindezeli langesandla sikaMnu. Kalaqiniso) kodwa endaweni yawo kwamiswa umfanekiso omubi lowesabekayo kaDiyabhola, lokho kutshengisa inzondo yomuzi ngenkosi yawo yamandulo. Phezu kwalokho uNkosi Ntandokayiphikiswa encedisa, uMnu. Kalaqiniso laye walaywa ukuthi adinge njalo achithe ngokutshisa zonke ingwalo zomthetho, loba ugwalo Iweziqondiso olumumethe imithetho yenkosi, ukuze kungabi lalutho olungabonakala oluhle lombuso kaNkulunkulu Somandla olungasala. Esikhundleni salokhu uDiyabhola, wamisa kuzo zonke indawo zikazulu iziqondiso zakhe eziyize lemithetho, okwanika inkululeko kunkanuko yenyama, lenkanuko yamehlo lokuziqajqa kwempilo. Wakhuthaza kakhulu ububi lokungaziphathi kwalo lonke uhlobo lokungesabi uNkulunkulu lenkohliso, ethembisa abantu bomuzi ukuthula, intokozo lokwenela ekulandeleni imithetho yakhe emibi, ebaqinisa ukuthi kabasoze babizwe ukuthi balandise ngokuziphatha kwabo.

Eselimaze ngokupheleleyo uNkosi Gcinumuzi (uNkosi Qedisisa) loMnu. Sazela, uDiyabhola kazange afise ukuthi abantu boMphefumulo Womuntu bamcale ngokubehlisa kuzithunzi zabo, ngakho wakhetha uNkosi Gcinumuzi omutsha lonobhala omutsha, abantu azikhethela

bona. UNkosi Gcinumuzi omutsha waba ngomunye obizwa ngokuthi nguSiloyiso-Sibi, umuntu owenza ngaso sonke isikhathi ngokupheleleyo ngobuphansi bakhe, elemvelo yenyamazana. Unobhala omutsha kwaba ngomunye obizwa ngokuthi nguKhohlwa-Ukulunga, umuntu omubi sibili, owayengakhumbuli lutho ngaphandle kobubi ethokoza kukho konke okuyinkohlakalo lokuyingozi. Laba bobabili, uSiloyiso-Sibi loKhohlwa-Ukulunga, besebenza ndawonye, ngesibonelo sabo lesikhuthazo sabo baphumelela ekuguquleleni abantukazana endleleni ezimbi, ngoba kuliqiniso elaziwayo ukuthi nxa labo abakuzikhundla eziphezulu bebobothekekela ububi, isigaba sonke lelizwe lonke masinyane kuyonakala. Abacebisi abatsha bakhethwa lapho okwakhethwa khona omantshi lamakhansila, belixuku elilusizi, njengoba uzabona ngamanye amabizo abo: uKungakholwa, uZidlayo, uFunga, uNhliziyo-luKhuni, uLaka, uKalaqiniso, uBuqili, uThandamanga, uKudakwa loKungakholwa-ukuthi-ukhona-uNkulunkulu. (UKungakholwa engomdala kubo bonke loKungakholwa-ukuthi-ukhona-uNkulunkulu engomncinyane wexuku).

Khathesi, ekucineni, uDiyabhola wazikhumbula ukuthi uvikelekile sibili. Wayesethumbe uMphefumulo Womuntu, wenza amabutho akhe alinde inqaba aqina, esehlise zonke izisebenzi ezindala wamisa abatsha abakhethwe nguye; esone umfanekiso kaNkulunkulu Somandla, wamisa owakhe endaweni yawo; esedilizile izingwalo ezindala zomthetho wamisa esikhundleni sawo uluhlu lwamanga akhe; wayesemisse abacebisi abatsha labomantshi, abantu abafuze inhliziyoyakhe njalo wayesakhe inqaba ezintsha ezazibuswa ngabantu benjongo ezimbi.

Konke lokhu wakwenza ukuthi hlezi iNkosi Somandla elungleleyo, kumbe indodana yakhe, bangazama ukuza badinge ukuphinda bazuze umuzi woMphefumulo Womuntu.

### **3. Izikhali zikaDiyabhola**

Khathesi uzakhumbula lokhu ngeqiniso, ukuthi ngalesi isikhathi, ilizwi lingabe selfikile enkundleni yeNkosi Somandla elungleleyo, liyazisa ukuthi uMphefumulo Womuntu usunqotshwe yisiqhwa uDiyabhola, owake waba yinceku yayo. Isithunywa ngeqiniso saletha umbiko odanisayo enkosini, silandisa ngokugcweleyo okokuqala ukuthi uMlawulimabutho Melana wabulawa njani, loNkosi Kalacala ukuthi wawa phansi wafa, ngokudabuka esizwa ukuthi inkosi yakhe enkulu yaphathwa kubi ngomubi okaDiyabhola, lokuthi abantukazana bomuzi, bakholwe amanga amiswe ngobuqili phambi kwabo, bavule uSango Ndlebe, bengenisa uDiyabhola labo bonke abalandeli bakhe ababi. Isithunywa sasesikhulumha ngokwehlele uNkosi Qedisisa loMnu. Sazela, lokuthi khathesi uNkosi Ntandokayiphikiswa usemsebenzela njani umcindezeli ngenhliziyo langomphefumulo eloMnu. Ngqondo njengonobhala wakhe, lokuthi labababili babusa umuzi bekhokhelela abantukazana kuyo yonke indlela yenkohliso.

"Sibili," saqhubeka isithunywa, "uNkosi Ntandokayiphikiswa usevukele ngokusobala inkosi yakhe, enika ngokupheleleyo ukuthembeka lokulalela kwakhe kuDiyabhola. Kwangani lokhu akwenelanga, umcindezeli ongumbusi omutsha woMphefumulo Womuntu (owake waba lodumo kodwa khathesi ungu muzi obhubhayo) umise uNkosi Gcinumuzi omutsha loNobhala omutsha abathandwa nguye, abantu ababili ababi kubo bonke kulumuzi, uNkosi Siloyiso-Sibi loMnu. Khohlwa-Okuhle." Wabuye wayitshela ngenqaba ezintsha, okokucina wachasisa ukuthi abantu bomuzi bahlonyiswe njani hlezi uNkulunkulu Somandla angeza azame ukuthi abehlisele ekulaleleni kwabo kokuqala.

Lindaba kayilethwanga ensitha, kodwa enkundleni esobala phambi kwenkosi, indodana yayo, lamakhosi aphezulu, induna zabalawulimabutho kanye labahlonitshwa. Kwakumangalisa ukubona ukudabuka lencithakalo okwakudalwe yilezizindaba ezimbi zokuwa koMphefumulo Womuntu. Yinkosi kuphela lendodana yayo abangatshengisanga ukumangala, abasebekubonile lokhu mandulo okweminyaka njalo sebezebathatha amanyathelo, angaziwa langubani

omunye, ukunakekela usizo lwalumuzi. Lanxa kunjalo, bobibili inkosi lendodana yayo badabuka kakhulu ukuthi bezwe usizi loMphefumulo Womuntu, betshengisa uthando olungakanani abalalo lozwelo ngalo umuzi osuwile lodubekileyo.

Kwathi inkosi lendodana yayo sebephumule, bahlangana njalo ensitha bebonisana ngamacebo abo, ababewamise kudala, mayelana lokubuyiselwa koMphefumulo Womuntu, okwakuzakwenzakala ngendlela ezakwenza inkosi lendodana yayo bazuze udumo oluphakade lenkazimulo ngakho. Indodana kaNkulunkulu Somandla yayingeyesikhosini ingumuntu omuhle, kuso sonke isikhathi yayilothando olukhulu lozwelo kulabo abasekuhluphekeni (kodwa yayilobutha obubulalayo enhliziyweni yayo obumelene loDiyabhola lo, liyakhumbula, owake waceba ukuthi athathe umqhele wakhe lesithunzi sobukhosи bakhe). Le indodana, ngemva kokuhlangana kwabo, yangena kusivumelwano loyise ukuthi izaba yinceku yakhe yokubuyisela uMphefumulo Womuntu, ifunga ukuthi kakulalutho oluzayenza iphambuke kulinjongo. Kwacetshwa esikhathini esithile, esimiselwe ngaphambili yibo bobabili, ukuthi indodana yenkoski ibe lohambo lokuza emhlabeni; lapho-ke, ngokulunga langokulingana, ilungise mayelana lobuwula lezono zoMphefumulo Womuntu, ngale indlela ibeka isisekelo esipheleleyo sokukhululwa komuzi ekucindezeleni kukaDiyabhola. UEmanuweli – ngoba leli kwakulibizo lalo oyinkosana – laye wazimisela ukwenza impi emelene loDiyabhola owayelokhu ephethe uMphefumulo Womuntu, amkhuphe esidlekeni sakhe abesezithathela umuzi ube yindawo yakhe yokuhlala.

Kwasekunikwa isiqondiso kuNkosi Nduna Mabhalane ukuthi abhale konke ababekumisile akwenze kukhutshwe kuwo wonke amagumbi oMbuso woMhlaba. Ngizakunika lapha ngokufitshane okumunyethweyo:

"Kakuthi bonke abantu bazi ukuthi uEmanuweli, indodana kaNkulunkulu Somandla inkosi enkulu, ungene kusivumelwano loyise, ukubuyisela uMphefumulo Womuntu, njalo hatshi lokhu kuphela, kodwa, ngamandla othando angelakulinganiswa, ukubeka uMphefumulo Womuntu kusimo esingcono lesithokozisa okwedlula ungakathunjwa nguDiyabhola."

Ngakho lamaphepha akhutshwa kuzindawo ezitshiyeneyo, okwazondisa

kakhulu uDiyabhola owesaba ukuthi usezaphanjaniswa entokozweni yakhe yokuhlala kuhle eMphefumulweni Womuntu.

Bekufanele ukuthi ngabe ngilitshelile ukuthi kwathi injongo le enkulu yeNkosi uSomandla lendodana yayo yaziswa kuqala enkundleni yamazulu kwaba lokuxokozela kumakhosi aphezulu, abahlonitshwa labalawulimabutho. Kuqala kwanyenyezwa, kwasekuzwakala esigodlweli senkosi, bonke besababaza njalo bemangala ngalelicebo elidumisekayo elalungiselwa ukusindisa uMphefumulo Womuntu osesizini. Babengeneliswe ngitsho yikugcina lindaba enkundleni kodwa abanye behlela phansi basebeyimemezela eMhlabeni.

Zeza njalo lezizindaba okokuqala endlebeni zikaDiyabhola, owathi ngokwemvelo wakhathazeka kakhulu njalo ezonda ukukhumbula ukuthi izinto ezinje zazilungiselwa ukumelana laye. Ngemva kokucabanga, waphetha ngokuthatha amanyathelo athize okuvimbela okungenzakala.

*Okokuqala*, nxa kungenzeka, wayezanqabela zonke lezizindaba ezinhle ukuthi zifike endlebeni zoMphefumulo Womuntu.

"Ngoba," wacabanga ngaphakathi kwakhe, "aluba bengezwa ukuthi uNkulunkulu Somandla, inkosi yabo yamandulo, loEmanuweli indodana yakhe basebenzela ukulunga kwalumuzi, kungenzeka bangivukele." Ngakho ngobuqili obuvuselelweyo wamisa sibili uNkosi Ntandokayiphikiswa ukuthi aqaphele, emini lebusuku, kuwo wonke amasango omuzi, ikakhulu uSango Ndlebe loSango Lihlo.

"Isizatho sami ngalokhu," wazisa isikhonzi sakhe, "yikuthi sengizwile ukuthi kulecebo eselenziwe ukuthi thina sonke senziwe abahlubuki njalo elokwehlisela uMphefumulo Womuntu kusimo sawo samandulo sobugqili. Ngithemba la ngamahungahunga kuphela, kodwa ngileqiniso ukuthi kawemukeleki kuwe njengoba engemukeleki lakimi. Ngakho-ke kumele liqunte okungahluma kwenganekwane ezinje ezingafika ebantwini, ube leqiniso ukuthi wonke amasango alondoloziwe ngamandla nsuku zonke. Kungangeni muntu, ngaphandle sekuhlolisisiwe ukuthi babuka ngokusobala umbuso wethu omuhle. Kakube lenhloli zihlangane labantu, zilamandla okucindezelokuchitha ingabe ngubani okhulumo ngoNkulunkulu Somandla lecebo lakhe, ingabe lowo ofuna ukusivukela." Unkosi Ntandokayiphikiswa walalela ngokunanzelela inkosi yakhe njalo ngokukhuthala okukhulu walalela imithetho yakhe ngayo yonke indlela.

*Okwesibili*, uDiyabhola wenza isivumelwano esitsha esesabekayo labantu, ukuthi kabasoze bahlubukele inkosana yabo uDiyabhola lohulumende wakhe, kumbe bamnikele, loba badinge ukuguqula imithetho yakhe; kodwa bazavuma ukumamukela njengenkosana yabo eqondileyo bephikisa loba ngubani ongafika ezenza olebango ngomuzi woMphefumulo Womuntu.

Wakhumbula ngalokhu, ukubophela abantu kuye ngendlela enje okokuthi uNkulunkulu Somandla angeke abakhulule. Siwula, sithutha Mphefumulo Womuntu kazizange zikhonone ngitsho, kodwa zakuginya konke kungelampikiso kalula njengensikabayitshiye iginya okuyinhlanzi okuncane! Loba nje sebekhathazwe yilesi isivumelwano esitsha esibi, bazibula bazikhukhumeza ngokuthembeka kwabo kunkosana engumcindezeli, befunga obala ukuthi kabasoze bamvukele, loba bamtshiye baye komunye.

Hlezi lalezizindlela zokuvimbela okuzakwenzakala zingasuthisi, uDiyabhola ngokuhlanya kobukhwele bakhe, wazama ukuguqula umuzi ngokwengeza ezinye indlela ezimbi. Ngalokhu wenza ukuthi isaziso esiyangisayo lesingcolileyo sibhalwe nguMnu. Kungcola njalo sibethelwe phezu kwesango lenqaba, esipha imvumo kubo bonke abamthembayo bemlandela eMphefumulweni Womuntu ukuthi bazitike kuyo yonke indlela yamanyala lesimilo esenyanyekayo abasikhwabithayo. Kakho umuntu owayengabanqabela langayiphi indlela, ebuhlungwini bolunya ababengabuzwa ngokungathokozi kwenkosana yabo. Wathemba, ngokwenza lokhu, ukwenza umuzi uye usiba buthakathaka, ukuze nxa kufika indaba zokukhululwa kibo, zingabaphi ithemba, baphethe ngokuthi khathesi sebone kakhulu akuselakwenzeka ukuthi bakhululwe. Njalo, aluba uEmanuweli ubesazi ukuthi khathesi abantu balumuzi sebebabi kangakanani, ukuthi sebezinikele kangakanani kunkanuko zenyama lesono, ubengaguqula umkhumbulo wakhe ngokubakhulula. UDiyabhola wazi ngendlela ebuhlungu afunda ngayo, ukuthi uNkulunkulu Somandla loEmanuweli babengcwele kakhulu, njalo mhlawumbe bebona ukwanda kokungcola kwavo, balahlele khatshana uMphefumulo Womuntu phakade.

*Okwesithathu*, wacabanga ukuvalela loba yiziphi indaba ezingafinyelela, ngokubonisa abantu bomuzi ukuthi uNkulunkulu Somandla uzathumela ibutho elizimisele ukudiliza hatshi ukuthi

likhulule. Ngakho wabizela bonke abantu endaweni yemakethe. Lapho-ke ngamacebo akhe obuqili ajwayelekileyo, waqalisa ukukhuluma labo:

"Madoda, labangane bami abalungileyo kakhulu! Lina lonke liyizikhonzi zami ngokomthetho, njengoba lisazi. Njalo lisazi kuhle ukuthi ngiziphatho njani phakathi kwenu kusukela osukwini lokuqala ngilani kuze kube khathesi, inkululeko enganani lamathuba amahle eliwakholisileyo lingaphansi kombuso wami. Khathesi, Mphefumulo Womuntu wami odumileyo, ngilusizi sibili ukuthi ngilitshele ngendaba zokuhlupheka esezipatho zivela khatshana – uhlupho olungakhathaza hlezi umuzi wethu. Ngizuze umbiko uvela kuNkosi Lusifa ukuthi inkosi yenu yakuqala, uNkulunkulu Somandla, uvusa ibutho ukuzamelana lani ezimisele ukulichitha, mpande logatsha! Ngalesisizatho, ngilibizele ndawonye ukuthi ngilicebise ngokungenzwa. Ngingazinanzelela mina ngokwami kalula, ngizinanzelele ukuphila kwami kuphela, kodwa inhliziyo yami inamathele kini kangangokuthi kangivumi ukulitshiya likule ingozi. Kulalokhu, ngiyavuma ukuma ngilincedise silwe kuze kube sekucineni. Uthini wena, E Mphefumulo Womuntu? Lizamhlamuka umngane wenu, kumbe sizakuma ndawonye?"

Njengomuntu oyedwa, abantu bomuzi bamemeza bephumisela ukuvumelana loDiyabhola, besithi, "Kakuthi lowo onakana okuphambene lalokhu abulawe!"

"Kuhle-ke", waqhubeka uDiyabhola oqamba amanga, "kakusisizi thina ukuthemba isihawu, ngoba liNkosi uSomandla kayikwazi ukusitshengisa. Qiniso, okokuqala, angakhuluma ngesihawu loba azenzisse ngaso, kodwa kuphela ukuthi azuze ukubusa umuzi lo kalula. Ngakho loba yini angakutsho, lingakholwa lizwi lakho, ngoba kuzabonakalisa ubuqili bokusinqoba abesesibhidliza sonke, engelasihawu! Nginakana ukuthi simelane laye kuze kube ngumuntu wokucina, sisala ukumlalela langayiphi indlela, ngoba kulapho okulele khona ingozi yethu enku. Ngithemba lazi ngcono kulokuthi lizivumele ukuchithwa ngamazwi akhohlisayo.

"Kengiqhubeka ngomunye umcijo," wengeza. "Ke sithi asenze sivume asindise ezinye zempilo zethu, abanye abalezikhundla eziphansi, libona angani kuzakwenzakalani kulabo benu engibabeke ezikhundleni eziphezulu, ngesizatho sokuthembeka kwenu kimi? Sithi ahle ale khona ukulibulala, kuyabe kungenye indlela alibamba ngayo elifaka kobunye

ubugqili elingazange lihlangane labo njalo ingalinceda ngani impilo yenu? Lingacabangi lakancane ukuthi lizavunyelwa ukuhlala entokozweni elilayo khathesi mina ngiseyinkosana yenu. Hatshi, lizabotshwa ngumthetho ozalincweba ozakwenza ukuthi lenze izinto elingazithandiyo lelizizondayo.”

“Ngakho ngithi kungcono ukuthi lilwe life lisilwa, kulokuthi lihlale njengeziggili. Angilandaba nxa ngisengeza ukuthi lempilo yobugqili izakhumbuleka ingcono eMphefumulweni Womuntu kakhulu kulakhathi. Konke ukukhala kophondo lukaNkulunkulu Somandla kuhkalela igazi loMphefumulo Womuntu. Ngakho ngiyalicebisa. Hlomelani impi kuselesikhathi njalo kengilifundise obunye ubuciko bempি. Ngilezikhali ezinengi, ezingenela ukulihlomisa lonke kusukela ekhanda kusiya enyaweni. Wozani enqabeni yami ngiliphe konke elikuswelayo.”

Lapha-ke abantu bonke bomuzi baqulungana ngemva kukaDiyabhola besiya enqabeni yakhe, lapho abanikwa khona izikhali zakhe zobubi.

“Nansi ingowane yami, okuthiwa lithemba eliyize, ithemba lokuthi kuzakuba kuhle kubo bonke ekucineni, loba yiphi impilo esike sayiphila. Yisikhali esilungileyo lesi, esisetshenziswe kakhulu yibo bonke ababelindele ukuthi bazuze ukuthula lanxa babehambe ngokukhohlakala. Lokhu kuzavikela izigadlo ezinengi, Mphefumulo Womuntu wami.”

“Okulandelayo, nansi isivikelo sesifuba sami, esenziwe ngensimbi, okuthi wonke amabutho ami ahlome ngaso. Ngolimi olujwayelekileyo kuthiwa yinhliziyo elukhuni, inhliziyo elukhuni okwensimbi, ingelakuzwa njengelitshe. Nxa lingakugcina lokhu, ngitsho lesihawu singelingqobe, loba lethuswe yizesabiso zokwahlulela. Inhliziyo elukhuni iyisikhali esincane esilungele bonke abazonda uNkulunkulu Somandla abangalwa laye ngaphansi kophawu lwami.”

“Umhedla wami lulimi olubi, lona oselulunyathiswe yisihogo njalo lulakho ukuzejwayeza ukukhulumu konke okubi okumelana loNkulunkulu Somandla, indodana yakhe, indlela zakhe labantu bakhe. Ngiyalicebisa ukuthi likusebenzise lokhu njalo njalo. Sekuzanyiwe okwamathuba ayinkulungwane njalo loba ngubani okusebenzisayo njengoba ngimqondisa kasoze anqotshwe yisitha sami.”

“Nansi isihlangu sami okuthiwa yikungakholwa, lokhu kuphikisa

ilizwi leqiniso elikhulunywe nguNkulunkulu Somandla, ngokukhethekileyo, konke akutsho maqondana lokwahlulela abantu abakhohlakeleyo. Labo asebebhale ngezimpi phakathi kukaEmanuweli lezinceku zami sebefike bafakaza ukuthi kasoze enze umsebenzi olamandla lapho okulokungakholwa khona. Ukuze usibambe kuhle lesisikhali kutsho ukuthi ungakholwa konke akutshoyo. Nxa ekhuluma ngokwahlulela, ungazikhathazi ngakho; nxa ekhuluma ngesihawu, ungazikhathazi ngaso; nxa ethembisa, loba efunga, ukuthi kasoze enze lutho ngaphandle kokuhle kuMphefumulo Womuntu nxa uphenduka, lingamkholwa. Buza iqiniso lakho konke, yiyo indlela yokusebenzisa isihlangu sokungakholwa njengenceku yami yeqiniso."

"Okokucina, esinye isikhali esilunge kakhulu esincane yikungabi lomoya wokukhuleka, umoya odelela ukukhalela isihawu. Bana leqiniso-ke, Mphefumulo Womuntu wami, ukukusebenzisa lokhu. Ini! Ukukhalela isihawu? Ungakwenzi lokhu lakanye, nxa uzakuba ngowami. Pho, ngiyazi selingabantu abalezibindi, khathesi-ke selembathiswe izikhali zokuzivikela zami, lisaswelelani ukukhala kuNkulunkulu Somandla lifuna isihawu?"

Esenakekele abantu bakhe ngezikhalu zokuzivikela langezikhalu, uDiyabhola waphetha ngelizwi lokucina lokukhuthaza:

"Phezu kwakho konke, khumbulani, ukuthi mina ngiyinkosana yenu eqondileyo njalo selifungile ukuvumelana lami lembangela yami. Khumbulani umusa wami wonke, lamathuba amahle, ukuqiniswa lenhloniphо engilitshengise khona. Konke lokhu kudinga ukuthembeka kwenu njalo kungaba nini-ke okulethuba elihle njengaleli lokukutshengisa njengakhathesi, nxa omunye efuna ukuthatha umbuso wami kini? Khathesi, nxa nje singema ndawonye sinqobe lokhu ukwethuswa okukodwa, ngesikhatshana esincinyane umhlaba wonke ungaba ngowethu. Nxa lokhu kusenzakala, ngizakulenza libe ngamakhosi lamakhosana labalawulimabutho. Njalo kungaba yisikhathi esihle kangakanani esingaba laso sindawonye!"

UDiyabhola esezihlomisile, njalo esezihlomise mandulo izincku zakhe eMphefumulweni Womuntu ukumelana lenkosi yabo elungileyo esemthethweni, waselondoloza ngokuphindiweyo amasango omuzi, yena ngokwakhe ezilungiselela ukuvikela iNqaba Nhliziyo, inqaba yakhe eqinileyo. Abantu boMphefumulo Womuntu ukuze batshengise

ubuqhawe babo, basebenzisa lezizikhali nsuku zonke, beyisa isitha sabo njalo bahlabela bedumisa inkosana yabo embi, bezibula ngezinto ezinkulu ababengazenza nxa kungaba lempi sibili phakathi kukaNkulunkulu      Somandla      lomcindezeli      uDiyabhola.

#### **4. UNkulunkulu Somandla uthumela inkululeko**

Kwathi konke lokhu kusenzeka, iNkosi Somandla elungileyo yayilungiselela ukuthuma ibutho ukubuyisela umuzi woMphefumulo Womuntu iwususa esandleni somhluthuni oyinkosana embi. Yaquma ukuthi ingathumeli okokuqala ngesandla sendodana yayo, uEmanuweli, kodwa ngesandla sezinye zezincke zayo; yayizama ukuhlolra ngazo isimo soMphefumulo Womuntu ukuze ibone ukuthi bangabuyela ekulaleleni inkosi yabo yequiniso. Ibutho lalilamadoda eqiniso edlula inkulungwane ezingamatshumi amane, bonke behethwe yinkosi ngokwayo enkundleni yayo. Amadoda la ayengaphansi kokuqondiswa ngabalawulimabutho abane abalezibindi: uMlawulimabutho Bowanegesi, uMlawulimabutho Vumisa, uMlawulimabutho Kwahlulela, loMlawulimabutho Jezisa. Kwakungumkhuba owejwayelekileyo wenkosi, kuzo zonke izimpi zayo, ukuthi ithumele lababalawulimabutho kuqala, ngoba babelamandla, bengamadoda alezibindi.

Emunye kulababalawulimabutho wayekhangela amadoda azinkulungwane ezilitshumi benikwe uphawu yinkosi. *UMLawulimabutho Bowanegesi*, oyinduna yalaba abane, wayeloMnu. Mdumo, umphathi wefulegi yempi yakhe owayethwala imibala emnyama, lophawu lwakhe lwaluyikutshaya kombane okuthathu okubhebhayo. Kulandela *uMlawulimabutho Vumisa*, omphathi wefulegi yempi yakhe kwakunguMnu. Sizi. Wayethwele imibala ethubileyo, uphawu lwakhe kulugwalo lomthetho, lapho akhupha khona ilangabi lomlilo. Okwesithathu *kwakuloMlawulimabutho Kwahlulela*, omphathi wefulegi yempi wakhe kwakunguMnu. Kwesabeka. Wayethwala imibala ebomvu, eyayilemvutho etshayo eyesabekayo ngokophawu lwakhe. Okokucina kuze *uMlawulimabutho Jezisa*, eloMnu. Kuqonda njengomphathi wefulegi yempi wakhe owayethwala imibala ebomvu, kodwa uphawu lwakhe luyisihlahla esingelasithelo, kulehloka libekwe empandeniyaso.

Kwathi bonke lababantu sebebuthene njalo behlolisiswa nguNkulunkulu Somandla ngokwakhe, wanika ilowo lalowo wabakhokheli izimiso zabo zomsebenzi, ebalaya, wonke amabutho

esizwa, ngokuthembeka langokukhuthaza ukuthi baqhube yonke imilayo yakhe. Njengoba zonke izimiso zomsebenzi zazifanana, zitshiyana nje kancane ngamabizo, isihloko lokunye okuncane okungatsho lutho, ngizalipha okukodwa kube yisibonelo sakho konke.

*Isimiso somsebenzi sivela kuNkulunkulu Somandla omkhulu, inkosi yoMphefumulo Womuntu, kumlawulimabutho wakhe othembekileyo lohloniphhekayo, uMlawulimabutho Bowanegesi, sokwenza kwakhe impi phezu komuzi woMphefumulo Womuntu.*

"E Bowanegesi, omunye wabalawulimabutho bami abalesibindi labadumileyo, omiswe ukukhangela inkulungwane ezilitshumi zamaqhawe ami izinceku ezithembekileyo, hamba ebizweni lami, lalelibutho, kumuzi olusizi woMphefumulo Womuntu. Nxa ufika khona, okokuqala ubanike izimiso zokuthula, ubalaya ukuthi balahle ijogwe lomcindezeli lokhohlakeleyo uDiyabhola babuyele kimi, inkosi yabo eqondileyo; balaye ukuthi bazihlanze kukho konke okwakhe (ube leqiniso ukuthi bayalalela). Nxa belalela ukulaya kwakho, uzamisa indawo yami eMphefumulweni Womuntu, unanzelela ukuthi awulimazi ngitsho loyedwa umuntu walumuzi, kodwa ubaphathe njengabangane labazalwane (ngoba ngiyabathanda bonke), ubatshela ukuthi ngiyeza masinyane ukubatshengisa ukuthi inkosi yabo ilesihawu esingakanani."

"Nxa bemelana lakho bevukela, ngakho-ke ngiyakulaya ukuthi usebenzise konke ukuhlakanipha, ingalo lamandla ukuze bavume. Hamba kuhle."

Ngakho sebemukele izimiso zomsebenzi wabo enkosini, lababalawulimabutho abane baqhube ka lembala ephephezelayo, bafola besiya kumuzi woMphefumulo Womuntu. UMLawulimabutho Bowanegesi wayekhokhela; uMlawulimabutho Vumisa loMlawulimabutho Kwahlulela baba yibukhulu bebutho, kwathi uMlawulimabutho Jezisa waba semuva. Umphefumulo Womuntu wawakhelwe khatshana lesigodlo sikaNkulunkulu Somandla, ngakho badabula izigaba lamazwe amanengi, beletha isibusiso lapho abahamba khona, baze bayafika ekupheleni kohambo lwabo. Abalawulimabutho baba lokudana nxa bebona isimo soMphefumulo Womuntu kodwa bahamba baze bayafika emidulini bamisa duze kweSango Ndlebe,

indawo yokuzwa, kwathi abanye bamisa amathente esigcawini.

Kwathi abantu boMphefumulo Womuntu bebona amaqhawe alixuku aziphethe kuhle, elezikhali zawo ezikhazimulayo lembala ephethezelayo, behluleka ukuzibamba ukuthi beze bazejolozela lumbono ongejwayelekanga. Kodwa uDiyabhola oliqili, esesaba ukuthi abantu bangathathea kangaka ngalokho abakubonayo okokuthi bangahle bavulele abalawulimabutho amasango, weza masinyane evela kunqaba yakhe, etshela bonke ukuthi kababuye le phakathi komuzi lapha akhulumu labo ngolunya.

"Madoda! Lanxa lingabantu bami abathembekileyo labangane abathandekayo, kumele ngilisole ngokulangatha kwenu ukwazi izinto. Liyalibona ixuku leli ukuthi yiliphi, lokuthi kungani lizimise phambi komuzi wethu ngalindlela? Yibo lababantu kanye engalixwayisa ngabo, esikhathini esedlulileyo, esengazama ukulihlomisela ukumelana labo, ngakho kokubili, umzimba lengqondo."

"Endaweni yokuma libabukele, aluba lihle lahlaba umkhosi ukuze sithathe indawo yokuzivikela. Okwakhathesi, selingenze ngethuka kancane, ukuthi nxo bengaqlisa ukuhlasela, lizazinikela njengamagwala! Likhumbula ukuthi bengisenzelani ukulilaya ukulinda njalo lilinde okuphindwe kibili amasango enu? Bengisenzelani ukuzama ukwenza luhkuni inhlizyo zenu, zize zibe njengensimbi, loba njengelitshe lokuchola? Kambe bekuyikuthi libukele ngokumangala, njengabantwana abancane, labo abayizitha zenu ezibulalayo?"

"Bambanani ndawonye, litshaye isigubhu libe njengempi, ukuze izitha zethu zazi ukuthi silamadoda alezibindi ukugadlana loMphefumulo Womuntu. Kangiseyikulisola okwedlula lokhu, kodwa nanzelelani ngingaliboni futhi liziphatha ngendlela yokuziyekelela okunje. Kakulamuntu, ngaphandle kokuqondisa kwami, okumele aveze ikhanda lakhe phezu komduli womuzi. Selizwile amazwi ami! Bonani ukuthi liyangilalela njalo konke kuzalunga."

Ngenxa yempumela yalamazwi abantu boMphefumulo Womuntu babaphakathi kokwethuka okukhulu bagijima bayale lale ezitaladini, behkala, "Nceda! Nceda! Abantu abayaluzelisa umhlaba sebefikile lapha!"

UDiyabhola wathokoza ngesimo esiguqukileyo sokuziphatha kwabo wazitshayela ihlombe, esithi "Aha! Yilokhu engithanda ukukuzwa.

Aluba nje bezangilalela bagcine lesisimo sengqondo, kangilakwesaba loba ngubani ongazama ukuthumba lumuzi."

Kasibuyeleni-ke kumabutho enkosi, abekade ecatheme ngaphandle koMphefumulo Womuntu. Kungakadluli insuku ezintathu uMlawulimabutho Bowanegesi walaya umtshayuphondo ukuthi ehlele kuSango Ndlebe, elapho ngebizo likaNkulunkulu Somandla omkhulu, ukubiza uMphefumulo Womuntu ukuthi ulalele kumbiko abezawubika uvela enkosini yakhe. Umtshayuphondo ogama lakhe linguLalela-Lokhu-Okuzwayo, waya kuSango Ndlebe wasekhalisa uphondo lwakhe, kodwa kwakungelamphefumulo ngitsho owavelayo, kumbe owaphendulayo, njengoba uDiyabhola wayebalayile. Umtshayuphondo wabuyela kumlawulimabutho wakhe wamtshela ukuthi wemukelwe njani. Lokhu kwadabula umlawulimabutho olungleleyo kakhulu. Lanxa kunjalo-ke, ngemva kwesikhathana uMlawulimabutho Bowanegesi wathumela umtshayuphondo futhi, kodwa ngokwesibili wemukelwa ngendlela efananayo xathu.

Sekwenzakele lokhu abalawulimabutho lezinye iziphathamandla babiza inhlanganiso yempi ukuthi banakane ukuthi amanyathela abo alandelayo azaba yini ekuzameni ukuthathela njalo inkosi yabo uMphefumulo Womuntu. Ngemva kokuhlolisia izimiso ababeziphewe, bacabanga ukuthi baphe isimemezelo sesithathu ukuthi balalele umbiko wenkosi. Uba lokhu futhi kusehlula ukuthi kulethe impendulo, babezazama ukubamba ngamandla abantu boMphefumulo Womuntu ukuthi babuyelega ekulaleleni inkosi eqondileyo.

Ngakho ngethuba lesithathu, uLalela-Lokhu-Okuzwayo waya kuSango Ndlebe, njalo ngebizo lenkosi wamemeza kakhulu, ebiza abantu boMphefumulo-Womuntu ukuthi beze bazelalela abahllonitshwa abalawulimabutho benkosi. Wengeza ngalesisikhathi, ukuthi nxo belokhu besala, abalawulimabutho bazimisele ukuza phezu kwabo lokubehlisela ekulaleleni ngamandla. Ngalesisikhathi loba kunjalo impendulo yayisiza. UNkosi Ntandokayiphikiswa wasukuma wema (liyakhumbula ukuthi uDiyabhola wayemenze uSibalukhulu woMthangala loMgcini Masango), njalo ngendlela yokuziphakamissa lokweyisa, wadinga ukuthi azi ukuthi umtshayuphondo *ungubani, uvela ngaphi, esenzelani* umsindo omubi kangaka njalo ekhulumamazwi olaka maqondana loMphefumulo Womuntu?

Umtshayuphondo waphendula, "Ngiyinceku yohloniphekayo uMlawulimabutho Bowanegesi, umholi webutho likaNkulunkulu Somandla omkhulu, yenalo wena omvukeleyo, kanye lomuzi wonke woMphefumulo Womuntu. Inkosi yami umlawulimabutho ilombiko okhethekileyo wakho lomuzi wonke. Nxa uzalalela ngokuthula, yenza njalo, kodwa nxa ungasoze ukwenze, kumele uthwale izilandelamuva."

"Kuhle kakhulu," waphendula uNkosi Ntandokayiphikiswa, ngendlela yokuzehlisela phansi kakhulukazi, "ngizawuthwala umbiko wakho ngiwuse kuNkosi Diyabhola njalo ngizakutshela azakutsho."

"Hatshi-bo, ungeke," wamphendula umtshayuphondo. "Umbiko wethu kawusiwo wesiqhwaga uDiyabhola ngitsho, kodwa ngowomuzi olusizi woMphefumulo Womuntu. Kasilangwabungwabu ngitsho lakancinyane lakukuphi angakutsho. Sithunywe ukubuyisela lumuzi siwususe kumcindezeli olesihluku njalo siwuncenge ukuthi uzehlisele phansi, njengoba kwakunjalo mandulo, komkhulu umhlekazi uNkulunkulu Somandla.

"Nxa kunjalo," waphendula uNkosi Ntandokayiphikiswa, ngelizwi eliphansi, "ngizakwenza njengokuthanda kwakho ngithwale umbiko wakho ngiwuse kulowomuzi."

"Yenza njalo," waqondisa umtshayuphondo, "kodwa ungazami labuqili. Woba leqiniso lalokhu, ukuthi uba ungasoze uvumelane lalokhu ngokuthula, sizimisele ukuthi senze impi phezu kwenu silivumise. Ukuqinisa amazwi ami, kusasa lizabona ifulegi emnyama lokutshaya kombane okubhebhayo, iphakanyiselwe kokubili ukudelela inkosana yenu lokuzimisela kwethu ukuphumelela emsebenzini inkosi esiphe wona."

UNkosi Ntandokayiphikiswa khonapho wasuka lombiko wakhe umtshayuphondo esabuyela enkambeni ukuyalandisela abalawulimabutho ukuthi isimemezelo sesithathu samukelwe njani.

"Okwalesisikhathi, kulungile," watsho uBowenegesi. "Sizake silale kancinyane emifolweni yethu ukuze sibone ukuthi lababavukeli bazakwenzani."

Kwathi sesisondele isikhathi sokuthi uMphefumulo Womuntu uphe impendulo kuBowenegesi labalawulimabutho bakhe, wanika umlayo kuwo wonke amadoda empi kuyo yonke inkamba ukuthi kumele beme ndawonye, njengomuntu oyedwa, belungele ukwamukela umuzi

ngesihawu, uba bengazinikela, njalo, uba kungenjalo, bawubambe ngamandla ukuthi uvume. Ngakho kusisa abatshayimpondo bakhalisa impondo zabo kuyo yonke inkamba, belimukisa bonke abantu ukuthi baye endaweni zabo. Kodwa abantu bomuzi woMphefumulo Womuntu besizwa abatshayimpondo, batshaywa luvalo olukhulu, bakhumbula ukuthi ukuhlasela sekuqalisile phezu kwabo. Ngakho labo baqalisa ukulungiselela impi.

Sebeme kwaze kwafika isikhathi esimisiweyo, uMlawulimabutho Bowanegesi wazimisela ukuthi ezwe impendulo, ngakho wathumela umtshayuphondo wakhe futhi ukuthi amemezele eMphefumulweni Womuntu ukuthi ezwe ngombiko womlawulimabutho. Wafica, loba kunjalo, ukuthi abantu bomuzi sebenxibile kuSango Ndlebe ngamandla abo wonke. UBowanegesi wabiza uNkosi Gcinumuzi, kodwa kwathi uNkosi Kungakholwa eziveza yena phezu komthangala (wayesekhethwe endaweni yenkosi uSiloyiso-Sibi), uBowenegesi wamemeza, "Kasuye uNkosi Gcinumuzi lo! Ungaphi uNkosi Qedisisa, yena okuvele kunguye uNkosi Gcinumuzi woMphefumulo Womuntu? Kukuye engizakwethula umbiko wami."

Ngalesikhathi, uDiyabhola owayesefikile laye kulo umduli, wamemeza waphumisela, "Mnu. Mlawulimabutho, ngesibindi esikhulu usuwenze izimemezelo ezine kuMphefumulo Womuntu ukuze babe yizinceku zenkosi yakho, kodwa ngithanda ukwazi ukuthi kungemvumo kabani. Ubona angani wenzani ngakho konke lokhu?"

Ngokupheleleyo engananzi isiqhwaga, uMlawulimabutho Bowanegesi (owayelembala emnyama elokutshaya komdumo okuthathu okutshisayo) waziveza ngokwakhe mathupha emzini woMphefumulo Womuntu.

"Ngilaleleni, lina elidanileyo njalo elihlamukayo Mphefumulo Womuntu. INkosi yenu enkuI elomusa, uNkulunkulu Somandla omkhulu, inkosi yami, ungithume kini lalesisimiso" (lokhu wakuphakamisa ukuze bonke babone), "ukulibuyisela futhi ekumlaleleni. Uba lisemukela izimemezelo zami, ngifanele ngize kini njengabangane bami labafowethu, kodwa nxa lizakwala, ngilaywe ukuthi ngilivumise ngamandla."

Kwasekusukuma uMlawulimabutho Vumisa (liyakhumbula ukuthi wayelembala ethubileyo elogwalo loMthetho luvulwe kabanzi).

"Zwana, wena Mphefumulo Womuntu. Lake laba lodumo ngokulunga kwenu, kodwa khathesi, maye, seligcwele amanga lenkohliso. Selizwile umfowethu uMlawulimabutho Bowanegesi, ukuthi utheni. Kungaba yikuhlakanipha kini, njalo kungalenzela intokozo, nxa lingemukela izimiso zokuthula lesihawu elikunikwayo, ngokukhethekileyo nxa kuvela kulowo elimvukelayo, ngoba uNkulunkulu Somandla, inkosi yethu, ulamandla amakhulu. Njalo kakho ongamelana laye nxa ezondile.

Uba lisithi kalonanga loba ukuhlamukela inkosi, ukwenza kwenu konke kusukela mhlawelanga lalahlela kude inkonzo yenu kuye kuzakukhuluma kumelane lani. Lalingalalelelani umcindezeli, loba ukumemukela njengenkosana? Lalingayalelani imithetho kaSomandla njalo lilalele lo uDiyabhola? Kungani futhi livala amasango njalo lithatha izikhali ukumelana lathi, izinceku zenkosi ezithembekileyo? Xwayisekani-ke, njalo lemukele ukunxusa koMlawulimabutho njalo lingeqi isikhathi sesihawu. E Mphefumulo Womuntu, lingavalelwaa ngaphandle kwesihawu, loba livumele ukuwiselwa kuzinkulungwane zosizi ngenkohliso kaDiyabhola. Akuthandabuzeki uzazama ukuthi alenze linakane ukuthi sifuna sizuze ithuba ngalokhu, kodwa ngiyamemezela ukuthi kuyikulalela inkosi yethu, lokuloyisa intokozo yenu, okusilethe kini.

"Futhi, ngithi, nanzeelani umusa omangalisayo obangela ukuthi uSomandla azithobe yena ukuze ancengane lani, elincenga kamnandi, ngathi, ukuthi libuyisane laye. Kalisweli, njengoba linjalo lani kuye, kodwa liyabona isihawu sakhe, kathandi ukuthi uMphefumulo Womuntu ufe, kodwa uphendukele kuye uphile."

Kwathi eseqedile uMlawulimabutho Vumisa, uMlawulimabutho Mahluleli wasukuma (yena owayelemibala ebomvu elesithando somlilo ovuthayo), waqalisa:

"E madoda oMphefumulo Womuntu, eselihlale kangaka lihlamuka njalo livukela inkosi yenu, zwsisan i ukuthi kasizanga ngale indlela kini silombiko wethu; yinkosi, inkosi yethu, esithume kini. Kodwa lingacabangi, loba livumele umcindezeli uDiyabhola ukulincenga, ukuthi inkosi yethu kayenelisi ukulivumisa ngamandla ayo, ngoba ingumenzi wezinto zonke, njalo ngokuthinta kwayo nje izintaba ziyathunqa; lokuthi isango layo lesihawu lizakuma livuliwe phakade, ngoba usuku lokugweba luzakuza ngeqiniso njalo luyeza

ngokuphangisa.

"E Mphefumulo Womuntu, kuyinto encinyane emehlwani enu yini, ukuthi inkosi yethu ilipha isihawu, ngitsho langemva kwezicunulo ezinengi kangaka? *Lokhe* yelule intonga yayo yegolide kini; *lokhe* njalo ingavumi ukuthi livalelwé ngaphandle kwesango. Lizayicunula yini ukuthi yenze lokhu? Nakanani kuhle ngalokhu engikutshoyo lingenzi angani alisoze libuye liyibone ngoba ilindele ukugweba. Ngenxa yentukuthelo yayo, qaphelani ingalisusi masinyane ilise kude, ngoba sekunjalo kakulalutho oluzalikhulula. Isilungisile isihlalo sayo sokwahlulela njalo izakuza ngomlilo isesivunguzaneni. Ngakho-ke nanzelelani, E Mphefumulo Womuntu, qaphelani, hlezi ukuqonda lokwahlulela kuzalibamba!"

(Kwathi uMlawulimabutho Mahluleli esakhulumá emzini woMphefumulo Womuntu, kwananelela ngabanye ukuthi uDiyabhola waqalisa ukuqhuqha!) UMLawulimabutho waphetha inkulomo yakhe ngokuthi: "E Mphefumulo Womuntu olusizi, lingeké lavula yini amasango enu ukuthi lisemukele, abameli benkosi yenu, abangathokoza ukulibona lisindisiwe? Lingasimela yini isigwebo esizalehlela? Lingayinatha yini intukuthelo inkosi yethu eyilungisele uDiyabhola labangane bakhe? Nanzelelani, E, nanzelelani!"

Emva kwalokhu, umlawulimabutho wesine, uMlawulimabutho Jezisa, waqalisa inkulomo yakhe (laye wayelembala ebomvu engumfanekiso wesihlahla esingatheliyo):

"E, muzi woMphefumulo Womuntu, owake wathela kangaka kodwa khathesi unjengogatsha olungelasithelo, wake waba yintokozo yabahlonitshwa, kodwa khathesi ulubhalu lukaDiyabhola kuphela, lalelani amazwi engizawakhulumá kini ngebizo likaNkulunkulu Somandla omkhulu. Khangelani, ihloka selibekiwe empandení yesihlahla, ngoba sonke isihlahla esingatheli izithelo ezinhle siyaqunywa, siphoswe emlilweni. Lina, E Mphefumulo Womuntu, liyilesisihlahla esingatheliyo, ngoba kalitheli lutho ngaphandle kwesithelo esibi esifika esilitshengisa ukuthi liyisihlahla esibi. Selivukele inkosi yenu lathi esingamandla lebutho likaNkulunkulu Somandla, siyilelihloka elibekwe empandení zenu. Lithini? Lingephenduke yini kungakatshaya okokuqala? Nxa ngilitshaya, kuyakuba yikuphela kwenu; kakulalutho ngaphandle kokuzinikela

enkosini yethu okungasivimbela ukuthi sisebenzise ihloka. Uba isihawu singelisindise, kuyini elikufaneleyo ngaphandle kokuthi liqunywe liphoselwe emlilweni ukuze litshiswe?

"E Mphefumulo Womuntu ukubekezelala lokuxolela kakuhlali kokuphela. Kungaba ngumnyaka, emibili, mhlawumbe iminyaka emithathu, kodwa, nxa ungahlamuka iminyaka emithathu (usukwenze okwedlula lapho) kuzalandelani kodwa 'sigamule...'? Unakana ukuthi yizethuselo zokudlala yini loba ukuthi inkosi yethu kayilamandla okuzenza? E! Lizathola lokhu emazwini enkosi yethu, ukuthi nxa edelelwya yizoni, kukhona okwedlula khatshana ukwethusela. Isono sakho silethe lelibutho elikhulu kumiduli yakho, njalo kungacina ngokwahlulela lokubulala yini? Selizwile abakukhulumileyo abalawulimabutho, Kube kanti lokhu livale amasango enu. Khuluma, Mphefumulo Womuntu! Lokhe lisaphikisa yini, loba liyemukela izimiso zokuthula?"

UMphefumulo Womuntu wala ngokupheleleyo ukulalela amazwi alesibindi awabalawulimabutho abane abahloniphekayo abalezibindi, lanxa ukuzwakala kwavo khatshaya phezu kukaSango Ndlebe, kodwa hatshi ngamandla angangokuthi ayengenza livuleke. Umzi wacela isikhathi ukuthi ulungise impendulo, okwathi abalawulimabutho baphendula bathi nxa abantu bomuzi bengaphosela phandle omdala uMnu. Beka-Khatshana, bangabanika isikhathi sokuphendula, kodwa uba kungenjalo, bangeke; ngoba ingqe nje wayephakathi komuzi, wayengenze lutho ngaphandle kokuganga lokubambelela. UDiyabhola-ke wayengathandi ukuthi alahlekewa nguBeka-Khatshana, njengoba wayengomunye wezikhulumi ezilamandla, wacabanga ukuphendula yena - kodwa-ke eguqula ingqondo yakhe, walaya uNkosi Gcinumuzi, onguKungakholwa, ukuthi akwenze, esithi, "Nkosi yami, wena nika abantu laba abahlanyayo impendulo njalo ukhulume ukuze wonke uMphefumulo Womuntu uzwe njalo uqedisise."

Esemukele lumlayo, uNkosi Kungakholwa waqaliswa ngale indlela: "Madoda, selisigombolozele laphambanisa ukuthula kwethu. Lingobani, njalo livela ngaphi, kasithandi ukuthi silazi. Lisitshela ukuthi livela kuNkulunkulu Somandla, loba elemvumo bani ukuthi asithumele umbiko onje kasimazi laye. Limemezele ukuthi umuzi lo ubalekele inkosana yawo, ukuze uvikelwe, njalo uzinikele ngokwawo kuyenalo

uNkulunkulu Somandla, lisithi, ngokwenza lokhu, zonke izono ezeduleyo zizakwedlula zingakhunjulwa. Liqhubeke lisethusela lumuzi ngencithakalo eyesabekayo nxa ungasoze ulalele umlayo wenu.

"Khathesi balawulimabutho, zwisisani ukuthi loba inkosi uDiyabhola, loba mina isisebenzi sakhe, loba ngubani kulo uMphefumulo Womuntu olesibindi kalandaba lalutho lwenu, loba umbiko wenu, kumbe inkosi yenu. Kasiwesabi amandla akhe, ubukhulu bakhe loba izethuselo zenu zokuphindisela. Njalo kasisoze sizedlisele ngaphansi kwezimemezelo zakhe. Mayelana lale impi eliyitshotshozelayo, sizazivikela ngayo yonke indlela. Ngamafitshane, ngokusobala kasilesabi njalo siyakholwa ukuthi sibili selihlamukele inkosi yenu njalo seligijima lisabalala lizama ukudala udubo emzini owodwa kumbe olandelayo. Kalisoze liphumelele eMphefumulweni Womuntu ."

"Ukuphetha: Kasilesabi; sizavala amasango ethu simelane lani. Futhi asiloyisi ukuthi siphanjaniswe. Hambani, hlezi silihlae sikuwonalo umthangala!"

Linkulomo yokwala lokungalaleli yelekelelwa yinkosi Ntandokayiphikiswa: "Madoda, sesizwile elikufunayo lomsindo wokwethusela kwenu, kodwa kasilesabi lakancinyane, kasinyikinyeki ngelikutshoyo. Ngeqiniso, uba lingasuki lapha phakathi kwensuku ezintathu, lizafunda ukuthi kuyinto eyesabekayo kangakanani ukuvusa isiqhwaga uDiyabhola nxa yena ezelalele emzini wakhe woMphefumulo Womuntu."

Unobhala, uMnu. Khohlwa Okuhle, wasesengeza okuncane: "Madoda, ngamazwi athobekileyo amakhosi ethu asephendule inkulomo yenu embi leyentukuthelo, lapho bekumele size phezu kwenu ngodlakela. Yemukelani iseluleko sabo lisuke lapha masinyane, ngoba singamadoda okuthula njalo kasifisi ukulihlasela."

Ngalessikhathi umuzi woMphefumulo Womuntu wamemeza ngentokozo kungani sebezuze ukunqoba okukhulu, batshaya insimbi zabo bagida phezu komduli. UDiyabhola wabuyela kunqaba yakhe, kwathi uNkosi Gcinumuzi loMnu. Khohlwa-Okuhle bahamba ngendalela yabo, kodwa uNkosi Ntandokayiphikiswa wanenzelela ngokukhethekileyo ukuthi wonke amasango alindwe ngabalindi abaphindwe kabilo lezinsimbi zokunxiba eziphindwe kabilo. Ukuze uSango Ndlebe abe ngovikelwayo ngokukhethekileyo (ngoba kulapho

amabutho enkosi ayeloyisa ukungena khona) wabeka uMnu. Bandlulula, umuntu omdala ozondileyo ongathandekiyo, waba ngumlawuli mabutho lapho. Ngaphansi kwamandla akhe wafaka amadoda angamatshumi ayisithupha ayizacuthe, afanele kakhulu umsebenzi okhethekileyo wokuvikela iSango Ndlebe ekuhlaselweni ngamabutho enkosi.

## **5. *Ukulwa ngaphandle lezesabiso ngaphakathi***

Kwathi abalawulimabutho sebebonile ukuthi mpendulo bani abangayizuza kuzikhulu zalo umusi, lokuthi babengeke bezwe ukulalelwa kubantukazana bomuzi njalo lokuthi uMphefumulo Womuntu wawuzimisele ukuqinisela usala, bazilungiselela impi. Okokuqala baqinisa kakhulu amandla abo kuSango Ndlebe, ngoba bakwazi ukuthi kumele bangene lapha; nxa kungenjalo akulabuhle obungeza kulo umusi. Sekwenziwe lokhu, babeka abaseleyo kumadoda endaweni zabo, bakhala uphondo banika umkhosi wempi, "*Kumele lizalwe ngokutsha.*" Labo abaphakathi komuzi babaphendula, ukumemeza ngokumemeza njalo ukuhlasela ngokuhlasela, yasiqalisake impi.

abantu boMphefumulo Womuntu babelemibhobho emibili emikhulu ababeyithembe kakhulu okuthiwa nguKhanda loNgqondo ePhezulu. Le bayibeka phezu komphotshongo weSango Ndlebe, kodwa abalawulimabutho babeqaphele njalo benanzelela lokhu kangaka, lanxa inhlamu ziphuma kule imibhobho kwesinye isikhathi zahwitha kundlebe zabo, okokuthi abalimalanga. Abantu bomuzi bathemba, ukuthi ngale imibhobho yabo, bazakwenza incithakalo enkulu kunkamba kaNkulunkulu Somandla, kodwa ngeqiniso yayingelampumelelo.

Amadoda abalawulimabutho ahlaselamuzi ngamandla amakhulu, ngokukhethekileyo bezama ukudabula bavule uSango Ndlebe, ngoba bakwazi ukuthi nxa besehluleka lapho kuyabe kungasizi ukuhlasela umduli. Basebenzisa izikhali ezitshiyeneyo lemigqala eminengi esindayo lezavutha njalo kwakulokulwisana okunengi lokudibana okuncane. Kodwa uMphefumulo Womuntu wamelana lakho kakhulukazi, uqiniswa lulaka lukaDiyabhola lokuzimisela kwenkosi Ntando Kayiphikiswa, uKungakholwa loKhohlwa-oKuhle, okwathi ngalelohlobo, kwakhanya angani amabutho enkosi ayetshaywa kakhulu, amathuba amahle asala kuMphefumulo Womuntu. Kwathi abalawulimabutho sebebonile ukuthi kumi njani, babuyela emuva bacatshela ubusika emifolweni. Kwaba khona ukulahlekelwa kumaxuku womabili engiza lethulela khona ngamafitshane.

Kangilitshelanga ekuqaleni ukuthi, kwathi uBowenegesi efola

lamabutho akhe bedabula ilizwe bekhangele uMphefumulo Womuntu, bahlangana lamadoda amatsha amathathu athanda ukubalelwemabuthweni. Kwakungabantu ababukekayo, uMnu. uMasiko, uMnu. uNhlakaniphoyabantu loMnu. uMacebo Abantu, abazinikela ukusebenzela inkosi. Abalawulimabutho babacebisa ukuthi hlezibangabasengozini yokuhlaselwa ekulweni okumisiwego loDiyabhola, lokuthi kumele bakhumbule kuhle bengakazinikeli kulokhu. Amadoda la aqinisa-ke athi imikhumbulo yabo yayisiquimile kulokhu njalo basebezemisele ukusebenzela uNkulunkulu Somandla omkhulu. Esebonile ukuthi bangamadoda alolwazi oluthile lesibindi uMlawulimabutho uBowenegesi wavuma ukubabalela kuxuku lakhe, basebefola-ke besiya empini.

Khathesi phakathi kokunye ukulwisana esisanda ukukhulumangakho, amadoda enkosi Ntando Kayiphikiswa athi phulukundlu aphuma phandle komuzi ahlaselamabutho kaBowenegesi evela ngemuva, athumba lamadoda amathathu, uMnu. Masiko, uMnu. Nhlakaniphoyabantu loMnu. Macebo-abantu, ababuyisela phakathi komuzi njengezibotshwa zempi. Kwathi uDiyabhola esekuzwile lokhu, wathumela ilizwi ukuthi lawomadoda kawa lethwe kuye enqabeniyakhe lapho ababuzisia khona ngokunanzelala, ethanda ukwazi ukuthi kuhambe njani baze basebenzelele uNkulunkulu Somandla. Wasebabuza ukuthi bayavuma ukumsebenzela bemelene labalawulimabutho babo bamandulo.

"E yebo," baphendula ngokuthokoza. "Kasiphili sibili ngokuqinileyo ekukholweni kodwa kulalokho ngesimiselo senhlanhla. Njalo njengoba khathesi sesizezandleni zakho, singathokoza ngokufananayo ukusebenza ngaphansi kwakho njengoba kade sizasebenza ngaphansi kwenkosi."

Esethokoziswe yikuza ukusetshenzelwa yilamadoda aloncedo, uDiyabhola (esewayekele entolongweni okwensuku ezinlutshwana) wawathuma lencwadi evela kuye isiya kuMlawulimabutho Loba Kuyini, isiphathamandla sakhe esimlalelayo phakathi komuzi.

"Wena Loba Kuyini othandekayo lomajwayela," yatsho incwadi, "ngithumela kuwe amajaha amathathu amahle ukuba asebenzenaphansi kwakho, omajwayela njengawe, ngileqiniso ukuthi uzabasebenzisa kwesinye sezikhundla loba ngaphi."

Ngakho lamadoda alahlekelwa yikusebenzela inkosi, kodwa amadoda

enkosi enza umonakalo esitheni. Ngokuhlasela kunye ngezavutha bephula bavula uphahla lwasigodlo sikaNkosi Kungakhola. Kwesinye isikhathi, uNkosi Ntandokayiphikiswa kwasala kancane ukuthi abulawe khonokho, kodwa wenelisa ukuthi asile; kwathi ngokuhlasela kunye ngezavutha abathize babalandeli babulawa khonapho: uMnu. Kufunga, uMnu. Laka, uMnu. Buqili, uMnu. Phangisa-ukukhuluma-amanga, loMnu. Kudakwa. Bawisa njalo imibhobho emibili emikhulu, uKhanda loNgqondo ePhezulu, eyayimi phezulu komphotshongo weSango Ndlebe beyilalisa phansi ekungcoleni.

Khathesi sibuyele enkambeni. Ngesikhathi sokuqanda senyanga ezidinayo zebusika abalawulimabutho benkosi baqhubeke ngezimemezelo lokuphazamisa, okokuqala kulelisango, baye kuleleyana, baye kwelinye kuwo wonke womahlau sikhathi sinye. Ngakho umuzi woMphefumulo Womuntu wawungasahlalanga ekuthuleni njengakuqala, ukuthi uqhubeke ezonweni zawo lakuntokozo. Kwesinye isikhathi amabutho azinkulungwane angabonakala egijima ebhoda imiduli yomuzi ebusuku ememeza umkhosi wempi. Kwesinye isikhathi izavutha zivunguze isiqhoho samatshe phezu kwemiduli, nxa kuzwakala ukukhala kwabalimeleyo kumuzi wonke. Akuthandabuzeki ukuthi loDiyabhola ngokwakhe ukuphumula kwakhe kwaphambaniseka elele kunqaba yakhe.

Ngenxa yezehlakalo zonke lezi, imicabango emitsha yadabula ngamandla phakathi komuzi ithumba imikhumbulo yamadoda akuMphefumulo Womuntu. Abanye babezwakala besithi, "Lokhu kuyesabeka! Singeke siqhubeke siphila ngalindlela!"

Abanye babesithi, "E kuzakwedlula, kuzakwedlula." Kanti abanye babesithi, "Kasiphendukeni futhi siye enkosini uSomandla njalo aqede inhlupho zethu zonke." Owesine wayengengeza, "Kodwa kasikwazi ukuthi uzasemukela khathesi yini. Ngiyesaba, sesikuyekelele kakhulu."

Futhi uMnu. Sazela, owayengunobhala kuqala, waqalisa ukukhuluma kakhulu njalo amazwi akhe ayanjengomdumo owesabekayo, kusengeza phezu komsindo lokumemeza kwamabutho lokumemeza kwabalawulimabutho.

Ukwengezelela phezu kwazo zonke lezizinhlupheko indlala yaqalisa ukuhlasela, ngoba izinto ezinengi ezinhle abantu ababezithanda zaqalisa ukusweleka. Wawuzathaba kangakanani uMphefumulo Womuntu

ukuba lokuthula okuncane lokuhlaliseka kwengqondo, kodwa uMlawulimabutho uBowanegesi wathumela umtshayuphondo lesimemezelo sokulaya uMphefumulo Womuntu ukuthi uzinikele enkosini. Wathunyelwa kathathu, kulethemba lokuthi khathesi, bangaba khona abanye phakathi kwabantu bomuzi abazavuma ukuzinikela, benikwe unxuso olutsha lokuthi benze lokhu. Ngokweqiniso, umuzi kumele ukuthi ngabe wawusuzinikele kudala, kungabanga yikuphikisa kukaNkosi Kungakholwa IoNkosi Ntandokayiphikiswa. UDiyabhola laye waqaliswa ukunyikinyeka futhi ngakho uMphefumulo Womuntu wasusehlukana kangaka engqondweni waqhubeka ucambalele esimeni sokudangala lokwesaba.

Isimemezelo sokuqala esisanda ukubaliswa sakhumbuza umuzi ngokuzilungiselela kwenkosi ukuxolela itshengise isihawu uba uMphefumulo Womuntu ungabuyela kuye ngokuthobeka. Isimemezelo sesibili sasibekwe ngendlela ehlukuluzayo kancane, kuxwayiswa umuzi, ukuthi lanxa belesikhathi eside kangakanani bebavukela, abalawulimabutho babezimisele ngokupheleleyo ukuthi banqobe. Isimemezelo sesithathu, umtshayuphondo wathi kakwazi kumbe abalawulimabutho babeseyamela esihawini kumbe ekwahluleleni, kodwa baqhubeka belya ukuthi kababavulele amasango.

Izimemezelo lezi ezintathu, ikakhulu ezokucina ezimbili zakhathaza umuzi kakhulu okokuthi ngemva kokubonisana, kwaphethwa ngokuthunywa uNkosi Ntandokayiphikiswa kuSango Ndlebe, elomtshayuphondo, ukuze abize abalawulimabutho ukuyakhulumisana lesitha. Kwathi abalawulimabutho sebefikile labo bonke abantu ababelabo abantu bomuzi bathi bangafika kusivumelwano IoNkosi uSomandla ngalezizimiso ezilandelayo, lezo inkosana yabo eyayibavumele ukuthi bazinike:

1) Ukuthi inkosi uKungakholwa, IoNkosi Ntandokayiphikiswa, IoMnu. Khohlwa-Okuhle kumele bengaphansi kukaNkulunkulu Somandla, baqhubeke bengosibalukhulu bomuzi woMphefumulo Womuntu.

2) Ukuthi kakho umuntu khathesi osebenza ngaphansi kukaDiyabhola okumele alahlwe ngaphandle komuzi loba alahlekelwe yinkululeko yakhe.

3) Ukuthi bonke abantu bomuzi kumele baqhubeke kumathuba amahle

ababekholisa kuwo bengaphansi kombuso kaDiyabhola.

4) Ukuthi kungabi lomthetho omutsha, loba isiphathamandla somthetho okuzakuba lamandla phezu kwabo ngaphandle kokukhetha lokuvuma kwabo ngaphambili.

"Yizo izimiso zethu zokuzinikela," batsho abantu bomuzi, "njalo phezu kwalokhu sizimisele ukuzinikela thina kini."

Ungacabanga ukuthi lezizimiso zemukelwa njani ngohloniphekayo uMlawulimabutho Bowanegesi! Wahle wakhulumu lomuzi ngendlela elandelayo:

"E zakhi zoMphefumulo Womuntu, ngathi ngisizwa kuqala umtshayuphondo wenu ebiza umhlangano wokukhulumisana ngokuthula ngathaba okweqiniso, lalapho lavuma ukuzehlisela ngaphansi kwenkosi lombusi wethu ngathaba okwedlulisayo. Kodwa khathesi sengicwele ukudana, sengizwile izimiso zenu zesibindi lobuthutha. Ngeqiniso ngibona isandla salesisixhwali uBeka-lokhu-Khatshana kulezizimiso! Izimiso ezinje *zingeke* zilalelwé okwesikhatsana loba ngitsho ngubani oyisisebenzi sikaNkulunkulu Somandla. Siyazilahla ngokupheleleyo njalo asizemukeli. Kodwa, E Mphefumulo Womuntu, uba belingazinikela kuzandla zenkosi yethu, lithembela kuye ukwenza izimiso ezinje ezizabonakala zilungile kuye (lokhu sibili bekuzalilungela) ngakho sizalemukela. Nxa kungenjalo, sesibuyele lapho esiqalise khona njalo siyakwazi esizakwenza!"

Kulokhu, uNkosi Kungakholwa omdala wamemeza wathi, "Ngubani elikhumbula ukuthi uyisithutha esingaka sokuzibeka ezandleni zesitha sakhe? Kuyini esikwaziyo ngolaka lwale inkosi na? Kutshiwo ngabanye ukuthi uyazondela abangaphansi kwakhe loba kancinyane besukile ekuqondeni kwakhe njalo, labanye bathi ufunu okungaphezulu kokungensiwa ngomunye. Qaphelani ngelikwenzayo E Mphefumulo Womuntu. Lizakwazi njani ukuthi lingabakhe nini, ngobani bethu angababulala, kumbe mhlawumbe angeke abulale sonke abesegcwala umuzi lo ngabantu abatsha?"

Linkulomo, ngeqiniso, yakhulula konke yaqedu loba yiliphi ithemba lempumelelo yokukhulumisana ngokuthula. Abalawulimabutho babuyela emifolweni yabo, kwathi uNkosi Gcinumuzi wabuyela enqaben. UDiyabhola wayemelele ukuphenduka kwakhe esigodlweni selizwe. Esezwile ngoKungakholwa elandisa mayelana lenkulomo

yokukhulumisana ngokuthula wathi, "Nkosi yami Gcinumuzi, Kungakholwa othandekayo, lingisebenzele kuhle kuloludaba. Litshengisile ukuthembeka kwenu okwezikhathi ezinengi njalo kalizange lingidanise. Nxa sesilethe lindaba encinyane kusiphetho esisuthisayo, ngizahlonipha ukuthembeka kwenu, ngiliphakamisele ezikhundleni eziphezulu kakhulu kuleseNkosi Gcinumuzi woMphefumulo Womuntu. Uzakuba ngumsekeli wami emhlabeni wonke. Zonke izizwe zibe ngaphansi kwamandla akho."

UNkosi Gcinumuzi wasuka phambi kukaDiyabhola ekusimo sokuthokoza okwedlulisayo kwengqondo, ezitshayela ihlombe ngokomusa ayethembele ukuthi uzawuzuza ekucineni, kodwa wayengazi ukuthi uMphefumulo Womuntu khathesi wawusukusimo sokufuthelana. Ngoba, kwathi esesephakathi kwenqaba esabonisana lenkosana, uNkosi Gcinumuzi wamandulo, uNkosi Qedisisa, lonobhala wamandulo uMnu. Sazela, ngandlela thize babezwile okwakusenzakala kuSango Ndlebe, baqalisa ukukhuluma labanye abantu bomuzi, betshengisa ubuqholo obatshengiswa abalawulimabutho lenkosi yabo. Ixuku labantu, khathesi besesaba ukuthi kuzakwenzakalani ngenkulomo elumelayo kaKungakholwa, baqala ukugijima besiyale lale, besithi ngokusobala, "E! balawulimabutho abalezibindi bakaNkulunkulu Somandla! E aluba besingaphansi kombuso wabalawulimabutho benkosi yabo ehloniphekayo!"

Esezwile ekucineni ngalesisiphithiphithi, uNkosi Kungakholwa waphuma ngokuphangisa endlini yakhe, ekhangelele ukuthi uzathulisa abantu kalula ngokuzibonakalisa kwesithunzi sakhe, kodwa kwathi bembona, beza begijima kuye njalo babezamlimaza aluba kadenyanga wasithela, njengomvundla owethukileyo, wabuyela endlini yakhe. Amadoda omuzi alinga ukuhlasela indlu yakhe kodwa yayiqine kakhulu ukuthi bangekwenze. Kusenjalo, uKungakholwa waqansa isitezi ukuze akhulume evikelekile ebantwini ngefasitela. "Madoda oMphefumulo Womuntu," waqalisa, "sitshoni lesisiphithiphithi phakathi komuzi lamuhla?"

"Lokhu kuxokozela kubangelwe yikuthi ngoba lingabanikanga impendulo eqondileyo abalawulimabutho bakaNkulunkulu Somandla," kwaphendula uNkosi Qedisisa. Libanike izimiso ezingemukelekiyo ngitsho, izimiso esingathi, ngeqiniso azitsho lutho ngaphandle

kwenhlamba, linine izicelo zabo zesihawu lokuxolela. Uyisitha salo umuzi, mhlonitshwa."

"Umvukela! Umvukela!" wamemeza uKungakholwa. "Hlomani, lina bantu abathembekileyo boMphefumulo Womuntu!"

"Mhlonitshwa," waphendula uNkosi Qedisisa, "ungakubiza uthi ngumvukela nxa uthanda, kodwa ngileqiniso lokuthi abalawulimabutho benkosi enkulu njengetyabo bebefanele impendulo engcono."

"Engikukhulumileyo," waphendula uKungakholwa ethwele ikhanda, "ngikhulumele inkosi yami uDiyabhola, ngimele abantu abangelalwazi balo umuzi, labo eselibavuse babakusimo sokuhlubuka."

"Kulokho," wangena uMnu. Sazela, "kuyabonakala ukuthi uNkosi Qedisisa ukhuluma iqiniso ukuthi wena uyisitha soMphefumulo Womuntu. Aluba belemukele izimiso zokuthula zabalawulimabutho, ukukhala kophondo lezixwayiso zempi ngabe sekuphelile. Njengoba kunje, kusesephezu kwethu, njalo silentulomo yakho yobuthutha lobuqholo ukuthi sibongele lokho."

UNkosi Kungakholwa weyiseka kakhulu ngalokhu wasephendula, "Ngizahamba khathesi ngiyetshela iNkosi Diyabhola amazwi enu. Uzakwazi ukulenza lizisole ngawo. Likwazi futhi ukuthi yena lami sizaqhubeke sifuna ubuhle balo umuzi singadingi kucetshiswa yini."

"Lizakwenza, sibili?" waphendula uNkosi Qedisisa. "Umbono wami yilo njengoba wena mhlonitshwa, lenkosana yakho alisibo bomdabu kulumuzi, selisilethe kulezizimo zokuphelelwu lithemba, kungakuhle libaleke, esikwaziyo nje yikuthi lisitshiye sizifunele okwethu."

Phakathi kwalokhukuphikisana, kwehla emidulini lemasangweni omuzi uNkosi Ntandokayiphikiswa, loMnu. Bandlululo lomdala uBekalokhu-khatshana, labanye abadala, beza ukubuza isizatho salesi siyaluyalu. Bonke baqala ukukhuluma kanye kanye, akwaze kwaba lalutho ngaphandle kokusanganiseka okwabayikho okubusayo.

Kwathi sekulokuthula okuncane, iqili uNkosi Kungakholwa wathi, "Nkosi yami, kulamadoda amabili lapha, amabizo abo ngoNkosi Qedisisa loMnu. Sazela, abathe ngokucetshiswa nguMnu. Kungasuthiseki, bahlokomisa abantu ukuthi bangivukele njalo khathesi bazama ukubavusa ukuthi bahlamukele inkosi yethu uDiyabhola.

Bonke abakaDiyabhola ababekhona bavumelana lomdala uKungakholwa, bevumelana lodaba lwakhe lwamanga, bedumisa

uDiyabhola njalo ngesikhathi esifananayo bememeza ukuthi uMnu. Sazela loNkosi Qedisisa kabaphoselwe entolongweni, kusithi abakwelinye ixuku bedumisa uNkulunkulu uSomandla lemitetho yakhe, isihawu sakhe labalawulimabutho bakhe. Masinyane ukuphikisana kwaphenduka kwaba yizibhakela abantu abanengi balimala. Olungileyo umdala uSazela watshaywa wawela phansi kabi, njalo uNkosi Qedisisa kwakumele adutshulwe ekhanda, kuphela nje ingcitsi yokudubula yehluleka! KwabakaDiyabhola, uMnu. Mawala wachitheka ubuchopho echithwa nguNgqondo (unobhala) kaNtandokayiphikiswa. Kwakuhlekisa sibili ukubona umdala uBandlululo egiqika edakeni. UMLawulimabutho Lobakuyini wayetshisekela ukungenela, kodwa wonke amacele ayengavumelani laye ngoba wayengathembeki loba kukuliphi icele. Waphetha ngokuqamuka omunye umbala wakhe (njalo umuntu owakwenzayo wafisa ukuthi aluba kwakuyintamo yakhe!) UNKosi Ntandokayiphikiswa waziphatha ngendlela engejwayelekanga kukho konke lokhu, kwangani kazi ukuthi ukuliphi icele, kodwa kuyananzelelwa ukuthi wahleka waphumisela ebona uMnu. Bandlululo etshaywe wawela phansi njalo kazange ananze ngokupheleleyo uMnu Lobakuyini esiza ediyazela phambi kwakhe.

Kwathi ukuxokozela sekudedile, uDiyabhola waphosela uNkosi uQedisisa loMnu. Sazela entolongweni, ebabeka icala lokuba ngabakhokheli besiphithiphithi. Umuzi wathula ekucineni lezibotshwa ezimbili zaba lesikhathi esibi; ngeqiniso, inkosana embi ngabe yababulala ukuhle ibasuse kanye endleleni yayo, kodwa, ngempi esemasangweni kanye, wakubona kungcono ukuthi adulissele phambili ukusebenzana labo okwesikhhatshana.

## **6. UEmanuweli uyeza egade ibhiza ukuzanqoba**

Abalawulimabutho ababekezelayo baba lenye inhlango ngempi basebemisa ukuthumela esinye isimemezelo kulowomuzi, belomuzwa weqiniso ukuthi khathesi bangaba banengi ababengavuma. Ngalesisikhathi uMtshayuphondo waqonda kuSango Ndlebe, wakhulumu ngobukhulu bukaNkulunkulu Somandla lemisebenzi yakhe emangalisayo, ekhuthaza abantu bomuzi ukuthi bale amanga lenkohliso kaDiyabhola, ukuba bemukele izithembiso eziligolide zeNkosi.

"Liyakhumbula, ukuthi lilamandla kulaye lina elifanana lezintothoviyane emehlweni akhe. Nanzelela amazulu lezinkanyezi, imisebenzi yeminywe yakhe. Nanzelela ilanga lenyanga, ukuthi uzigcina njani ziqinile zikhanyisa endaweni yazo. Nanzelela inlwandle ezilamandla amakhulu, azigcinileyo kumingcele. Nanzelelani ukuthi libancinyane njani lokuba buthakathaka lingasinto yalutho ekulinganisweni laye. Khumbulani ukuthi kungebizo lomkhulu kangaka engiza ngalo kuni lamhla, lilaywa ngokuzinikela."

Amadoda oMphefumulo Womuntu athinteka ngale inkulomo awazange azi ayefanele ukukuphendula. Kodwa uDiyabhola masinyane wavela waphendulela ubukhulu bukaNkulunkulu uSomandla, obebukade bukhulunywa nguMtshayuphondo, kwaba ngokunye okungenza abantu baqhuqhe.

"Madoda," watsho, ekhulumu emadoden i oMphefumulo Womuntu, "selizwile izinto ezimangalisayo ezikhulunywe yisithunywa ngeNkosi yaso. Asithi ukhulumu iqiniso, ake likhumbule ubugqili linkosi enku ezaligcina kibo phakade. Nxa lisesaba ukukhumbula ngaye esesekhatshana, linakana ukuthi lizakuzwa njani nxa esephakathi kwenu njengenkosi yenu? Kangizami ukuthi ngilethuse, ngoba ngilobungane njalo ngilejwayele. Ngakho-ke, khumbulani ngokunanzelela liqaphelisa ukuthi izakuba yini inzozo yenu."

Impumela yale inkulomo yayi ngeyokuthi abantu bomuzi benziwe lukhuni inhliziyo zabo ngamandla bemelana lale inkosi. Imikhumbulo yobukhulu bakhe yagcwalisa ukwesaba kibo, kusithi imicabango yobungcwеле bakhe yabehlisa ukuthi baphelelwе ngamandla. Ngenxa yalokhu, babuyisela ilizwi kubalawulimabutho ngoMtshayuphondo, ukuthi babezimisele ukunamathele kunkosana yabo, uDiyabhola, ukuthi

kabasoze, bengasoze bavumelane loNkulunkulu Somandla njalo kwakuyikuchitha isikhathi ukuthumela ezinye izimemezelo.

Ukuphatheka lokhu kwakuyikuthi abalawulimabutho baquma ukuthi uMphefumulo Womuntu ufanele unqotshwe ngamanye amacebo. Babalomhlangano omkhulu, bamisa lokhu lalokhuya kwaze kwathi ekucineni uMlawulimabutho Vumisa wasukuma wathi, "Bafowethu babalawulimabutho, iseluleko sami yikuthi siqhubeke sisenza umuzi uhlale ulezimemezelo, emini lebusuku, kodwa ngesikhathi esifananayo sithumele isicelo sethu kuNkosi Somandla wethu, simtshela ukuthi siqhubeke njani njalo sicela uxolo ukuthi kasibanga lempumelelo engcono. Kuhle simcele ukuthi athumele abanye abokusiqinisa, lamaqhawe njalo lomunye umlawulimabutho oncomekayo ukuze abakhokhele, ukuze inkosi yethu ingalahlekelwa yinzozo yokuqualisa esesikwenzile, kodwa bangaphelelisa ukunqotshwa komuzi."

Kwavunyelwana ukuthi lo ngumcabango omuhle kakhulu njalo isicelo senziwa ngendlela elandelayo:

"Wena Nkosi elomusa lodumo olukhulu, makhi womuzi woMphefumulo Womuntu, ngokulaya kwakho thina, izinceku zakho ezithembekileyo, sesihlasele umuzi wakho woMphefumulo Womuntu sifuna ukuthi siwunqobele wena nkosi. Okokuqala siphe izimiso zokuthula, kodwa izakhi zakuthatha lula lokhu zivalaamasango azo zihloma ngemibhobho yazo. Umcindezeli, inkosana Diyabhola, Nkosi Kungakholwa lo Nkosi Ntandokayiphikiswa yibo abakhulu kwabamelene lathi. Ngabe bekulomunye umngane phakathi komduli wawo ukuthi asekele izimemezelo zethu ngabe siphumelele, kodwa kuze kube khathesi, umuzi uyaqhubeka kumvukela wawo.

"Khathesi, E Nkosi, sixolele ekusweleni kwethu impumelelo njalo usithumele, siyakhuleka, amanye amabutho ngaphansi kokulawulwa ngumuntu okungathiabantu bomuzi hlezi bangamthanda njalo bamesabe. Ameni."

Isicelo lesi ngesiqubu esikhulu sasiwa eNkosini, isithunywa kwaba ngumuntu olungileyo okuthiwa nguMnu. Thando kuMphefumulo Womuntu. Kwathi efika esigodlweni seNkosi wasethula kanye ezandleni zeNdodana yeNkosi uEmanuweli, owasibala wasithutsha njalo, ethokoziswa ngokwakumunyethwe, wengeza izinto ezinlutshwana yena ngokwakhe njalo waseyisa kuYise. INkosi uNkulunkulu

Somandla, yasemukela isicelo ngentokozo, ngokukhethekileyo ngoba sisekelwe yiNdodana yakhe ethandekayo. Yathokoza njalo kakhulu ukuzwa ngokuzimisela kwezincede zayo lokuqaliswa okwasekwenziwe bemelana loMphefumulo Womuntu. Ibizela iNdodana yayo uEmanuweli kuyo, yathi, "Uyakwazi kuhle, njengokuba lami ngisazi, isimo soMphefumulo Womuntu: lokhu esikumisileyo ukuthi sikwenzele wona lalokhu ovele usukuphelelisile wena ngokwakho ukuthi uwuhlenge. Woza Ndodana yami, uzakuya enkambeni yami kuMphefumulo Womuntu, ngoba lapho uzaphumelela njalo unqobe umuzi."

Wasephendula uEmanuweli, "Umthetho wakho usenhliziyeni yami, njalo ngiyathokoza ukuyenza intando yakho, wena Baba. Yiwo umsebenzi engilangatha ukuwenza. Ngipha amabutho owabona efanele ngizakuya ngiyekhulula lo umuzi obhubhayo woMphefumulo Womuntu esandleni somcindezeli uDiyabhola. Ngangihlezi ngidabukile ukuzwa ngosizi langokubola kwavo njalo kakulalutho olungangipha intokozo enkulu okwedlula ukuletha ukukhululwa kwavo. Kakulalutho olunqabe kakhulu kubantu bami boMphefumulo Womuntu njalo ngiyathokoza ukuthi ngenziwe umlawulimabutho wosindiso lwabo."

Izindaba zakho lokhu zandiza egumeni leNkosi njengombane njalo bonke babekhuluma ngezinto zesisa uEmanuweli azimisele ukuzenzela uMphefumulo Womuntu. Abahlonipheki abaphezulu kunkundla baloyisa ukuthunywa lokuthi bahambe leNkosana yabo ekunqobeni kwayo. Kwathi izindaba zifika kumadoda amise inkamba ezungelezele uMphefumulo Womuntu ukuthi uEmanuweli ngokwakhe uyeza ukuzebasiza, elebutho elikhulu elingeke lamelwa, abalawulimabutho lamadoda ayelabo bamemezela ngentokozo engangokuthi umhlaba wanyikinyeka, izintaba zaphendula ngokunkenteza kwazo, kwathi uDiyabhola ngokwakhe waqalisa ukuquhuqha ngamandla ethuthumela ngalesi isizatho esilungileyo. Lanxa nje uMphefumulo Womuntu ngokwawo wanaka kancane ngalo umsebenzi, uthathekile kakhulu ngokudinga intokozo lesono, kanti uDiyabhola, ongusibalukhulu wawo, wayesesaba kakhulu. Inhloli zakhe zazikhatsana kuyo yonke indawo, zimlethela izindaba zezinto ezinengi, omunye wafika masinyane enqabeni owamlethela ilizwi ngokwasekwenzakele enkundleni yeNkosi, okuyikuthi uEmanuweli ngokwakhe masinyane wayesiza ukuzamelana

layer! Njalo kakho uDiyabhola ayemesaba kangaka njengale inkosana enkulu. Wayeseke wahlupheka kakhulu esandleni sakhe njalo wesaba ukuzwa ngitsho lokuqanjawwa kwebizo lakhe.

Isikhathi sasesifikile esikaEmanuweli ukuthi atshiye iguma likaYise aqalise ukufola esiya kuMphefumulo Womuntu. Lapha ngizakuma ukuthi ngilitshele ngabalawulimabutho abahlanu abalezibindi abamphelekelezelayo.

Okokuqala, kwakulodumileyo uMlawulimabutho Kholo. Wayelemibala ebomvu, ithwelwe nguMnu. Sithembiso njalo elophawu lwakhe lwewundlu elingcwele lehawu legolide. Kwalandela omunye ababelingana ngodumo, uMlawulimabutho Thembelihle, elemibala eluhlaza ithwelwe nguMnu. Lindela, uphawu lwakhe kuyizilengiso zokumisa zegolide ezintathu. Okwesithathu kweza olesisa uMlawulimabutho Thando, eloMnu. Zwelo laye ethwele imibala eluhlaza tshoko. Kusihlangu sakhe kufanekiswe intandane ezintathu ezinqunu zibanjwe ngokugona kothando. Ngemuva kwalokhu kweza iqhawe uMlawulimabutho Hlanzekile. Imibala yakhe, eyayimhlophe, yayithwelwe nguMnu. Kalangozi laphezu kwesihlangu sakhe kulamajuba egolide amathathu. Okokucina kweza othandekayo uMlawulimabutho Bekezelu omibala yakhe yayimnyama. Umnu. Phuzukuthukuthela wayengumthwali wefulegi yakhe lophawu lwakhe Iwatshengisa imitshoko emithathu egwaze yathutsha enhliziywani yegolide.

Laba babengabalawulimabutho bakaEmanuweli njalo bafola ngendlela enje, lowo lalowo elezinkulungwane zakhe ezilitshumi zamadoda – uMlawulimabutho Kholo ekhokhele uMlawulimabutho Bekezelu esemuva njalo iNkosana ngokwayo ihamba phambili kusilomo sebutho esenqoleni yakhe.

E! Umbono omuhle njani nxaxa befola behamba, kuzwakala umsindo wempondo, izikhali zabo zikhazimula imibala yazo iphephezelu ngentokozo emoyeni. Izigqoko zempi zeNkosana zazenziwe ngegolide elicengekileyo likhanya njengelanga emazulwini, kuthi ezabalawulimabutho zikhazimula njengezinkanyezi. Phakathi laphakathi kwebutho, bathwala imiqqala engamatshumi amahlanu lane lezavutha ezilitshumi lambili, konke kwenziwe ngegolide elihlanzekileyo kakhulu.

Baqhubeka befola, baze baba ngamamayili amathathu ukuthi bafike

emzini. Lapha bema, bamelela ukuthi abalawulimabuhto abane beze abakuqala bazebingelela inkosana, okwathi ngemuva kwalokho bonke bahamba ndawonye beqonda kuMphefumulo Womuntu. Kwathi amabutho, ayesenkambeni kusukela ekuqaleni, ebona abazebaqinisa besiza bezechlangana labo, njalo leNkosana ibakhokhele, aphinda futhi ukwenza umsindo wentokozo lokhu kwenza futhi uDiyabhola waba lokunye ukwesaba okukhulu. Amabutho amadala lamatsha ahlala phansi, agombolozela umuzi ngokupheleleyo, khathesi-ke, loba kukhangeleka ngayiphi indlela, uMphefumulo Womuntu wawusugonjolozelwe.

Kwathi amadoda omuzi ebona ixuku elikhulu elihleliwego lamabutho elimiselwe ukumelana labo lezavutha zegolide lemigqala, athi ebona iziqqoko zempi ezikhazimulayo kuyo yonke indawo lemibala ephephezelayo, agcwala ukwesaba. Ngoba, lanxa banakana bona ukuthi bavikelwe kuhle sibili, baqalisa ukumangala ukuthi kuzakuba yini ukuphela kwakho konke lokhu.

Umuzi khathesi usugonjolozelwe ngokupheleleyo, iNkosana elungileyo uEmanuweli yaphakamisa ifulegi emhlophe ukuthi ilenge phakathi kwezavutha zegolide, njalo lokhu kulezizatho ezimbili: okokuqala, ukutshengisa ukuthi wayelakho njalo angaba lomusa nxa uMphefumulo Womuntu ungaphendukela kuye; okwesibili, ukubatshiya bengelazaba, nxa engabachitha ngenxa yokuqhubeke kwabo bevukela. Ngakho ifulegi emhlophe ilamajuba amathathu egolide, yalenga lapho okwamalanga amabili kodwa umuzi kawubanga lependulo ngaloluphawu. Ngakho iNkosana yenza ukuthi kulenge ifulegi ebomvu, ifulegi yomlawulimabutho Mahluleli, ilomfanekiso wesithando somlilo phezu kwayo. Le layo yalenga okwensuku ezithile kodwa abantu bomuzi abazange baphendule futhi. Okokucina, uEmanuweli walaya ukuthi ifulegi emnyama etshengisa ukungalaleli, ilesibonakaliso semidumo emithathu evuthayo, layo njalo iphakanyiswe, kodwa njalo, uMphefumulo Womuntu walokhe unganyikinyeki.

Bebona ukuthi loba isihawu, loba ukwahlulela, loba ukwenza kokwahlulela, kungethinte umuzi ohlamukayo, inkosana elenhлизио ebuthakathaka yagcwala usizi, isithi kubalawulimabutho, "Ngeqiniso ukuziphatha okunje okwesabekayo kungenxa yokungazi kwabo ngezindlela zempi, okwedlula ukungalaleli kwensithe."

